Downloaded from Stanmorephysics.com


**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle le miyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: | Izindaba ezimfishane | (35) |
| ISIQEPHU D: | Izinkondlo | (35) |

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE.

7. Bhala izinombolo kahle njengoba zibhaliwe kuleli phepha lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Indlela yokuhlela isikhathi encomekayo:

   Sebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-75 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| | | |
|---|---|---|
| **ISIQEPHU A: INOVELI**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
| **IZINOMBOLO ZEMIBUZO** | **AMAMAKI** | **IKHASI** |
| 1. *Ithemba Lami* | 35 | 5 |
| | | |
| 2. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | 35 | 8 |
| | | |
| 3. *Umshado* | 35 | 11 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu** | | |
| 4. *Ababulali Benyathi* | 35 | 14 |
| | | |
| 5. *Icala Kaliboli* | 35 | 17 |
| | | |
| 6. *Isiko Nelungelo* | 35 | 20 |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**<br><br>**Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfushane ezihloliwe.** | | |
| 7.1 'UNozimoto' | 18 | 23 |
| | | |
| 7.2 'Lapho Kukhona Uthando' | 17 | 24 |
| **ISIQEPHU D: IZINKONDLO**<br><br>**Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.** | | |
| 8.1 'Ngingoweliba' | 18 | 26 |
| | | |
| 8.2. 'Ngiyafisa ukuba qotho' | 17 | 27 |

Downloaded from Stanmorephysics.com


**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| **A: INOVELI** | 1–3 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| **B: UMDLALO** | 4–6 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| **C: IZINDABA EZIMFISHANE** | 7 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| **D: IZINKONDLO** | 8 | 1 | |

**QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU A: INOVELI

### UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-A no-B) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA A**

'Cha mama, nawe dadewethu, ngizoya laphaya kumthandazi njengoba nisho kodwa mina ithemba lami elikhulu likuNonkamfela. Nokho-ke ukuze nigculiseke, okungcono ngibona kungcono siqale laphaya kumthandazi, kwaHlazakazi sengiyovukela khona ekuseni kusasa.'

'Cha fana, ngoba asikazilungisi kahle zonke izimfanelo zakhona, kungcono siye khona kusasa uma usubuya kwaHlazakazi.'

'Hhayi kulungile mama, kungcono ngisale sengikwenza konke khona kusasa ngoba nakhu sengathi selishonile kanti nale ndlela ikude. Sengiyovuka ekuseni ukuze ngisheshe ngibuye ngithole nethuba lokuya esayonini.'

Nebala ukusa kwaziwa nguye amabombo wawabhekisa khona kwaHlazakazi. Esahlezi ngasemthonjeni ecabanga ukuthi uzokwenzenjani, wezwa ngezwi lihayela phansi okomuntu obulawa umzwangedwa. Uma ethi uphakamisa amehlo wazithela kuye uNokulindela ecula iculo losizi ebhekise ikhanda phansi. Uhamba nje uNokulindela akuhambi yena inhliziyo ibalisa ngesoka lakhe.

'Hawu ntombazana, wahaya elosizi kwenzenjani, ufelwe yizwe yini?'

'Hawu nkosi yami! Kodwa Sandanezwe ubekwa yini lapha? Ungaze ungibuze ukuthi ngifelwe yizwe nje uphumaphi? Wanyamalalisa okomphefumulo, awusabhali, awusathini, kwenzenjani, wahlekisa ngami ezweni ngenzeni?' washo uNokulindela sezigobhoza izinyembezi.

'Kahle nkosazana ngamatshe, sengizophendula muphi ngiyeke muphi njengoba uyiletha iba yimvula njena? Lalela ntokazi ngikuchazele, ungathathi ngamawala ngoba akusho ukuthi lokhu okwenzekayo nami ngakwenza ngamabomu,' kuchaza uSandanezwe …

1.1 Uhlala kuphi uNokulindela ngokwalesi siqeshana? (1)

1.2 Yini eyayenza ukuthi uSandanezwe aye kumthandazi? (1)

1.3 Shono OKUBILI okwakwenziwa nguNokulindela ngenkathi kuqhamuka uSandanezwe emthonjeni. (2)

1.4 Bhala imibuzo EMIBILI uNokulindela ayibuza uSandanezwe ngalolu suku. (2)

1.5 Tomula amazwi asesiqeshini akhombisa ukuthi uSandanezwe wavuka ekuseni kakhulu. (2)

1.6 Fingqa kafishane isigameko esenzeka ngesikhathi uSandanezwe ehlangana noZabalaza ehamba nezinsizwa zangakubo. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.7 Yini eyabonwa isayoni ngesikhathi sihlolela uSandanezwe? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.8 Hlaziya isizinda sale noveli: **Ithemba lami**, ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo. Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

1.8.1 Indawo (2)

1.8.2 Isimo senhlalo (2)

1.9 Yikuphi okungumehluko phakathi kukaSandanezwe noZondiwe mayelana nenkolelo yokwelashwa kwesifo esasimphethe? (2)

1.10 Bhala indikimba yale noveli, sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

Umfo kaMbeje ubhukulile ngapha ulwa nokuthola ikhambi lokwelapha uSandanezwe angaze naye abalwe nalo mshungu okuthiwa unesifo esingelapheki njengoba abanye odokotela besebesikaza. Usesabalale ngomcabango wagcina efikelwa umqondo wokuthi athintane nomunye kulaba abasebenza kubangcwabi amxazululele le nkinga. Into efike ibe yiqatha emphinjeni ukuthi kazi uyofike athinte bani kubona, yena onjani, futhi ayobe embone ngani ubunjalo bakhe. Wayesamiwe nawukuthi kazi kwandaba leyo uyoyingenisa kanjani kubantu angabejwayele. Wayesaba nokuthi kazi uma enza lokho uyobe engaziqhwebeli yini ulaka lwabakwasidlodlo. Isigcino nokho waziduduza ngokuthi imali ayibonaze ilutheze olumanzi.

Nebala wazidlisa satshanyana umfo kaMbeje efuna ukuthi kazi iyiphi insizwa angahle axhumane nayo kulezi zinsizwa ezisebenza laphaya kubangcwabi edolobheni. Ngenhlanhla washeshe watholana nensizwa yakwaNtshingila eyayihlala eMatshana khona belu eMpangeni. Waxoxaxoxa nayo ezidlisa satshanyana efuna nokwazi ukuthi ihlala kuphi isigcino yamtshela ingasole lutho.

Langa limbe kuliSonto wanikela khona kwaNtshingila.

'E! Sikhulekile baba Ntshingila! Isisu somhambi asingakanani baba, singangenso yenyoni!'

'Hhawu! Yebo baba Mbeje, savakashelwa abakhulu singabafokazana nje kwenzenjani?'

'Ayisakhali indaba yabukhulu lapha sishiswa yilanga, kanti amakhosi akunina eningaphansi kwemithunzi nizicimela ukoma?'

1.11 Ngubani igama lensizwa uNonkamfela agcina ekwazile ukuxhumana nayo eyayisebenza kubangcwabi? (1)

1.12 Abantu abasebenza kubangcwabi babezomsiza ngani uNonkamfela kule mizamo yakhe yokulapha uSandanezwe? (1)

1.13 Bhala isaga esitholakala kule nkulumo kaNonkamfela elandelayo:

'E! Sikhulekile baba Ntshingila! Isisu somhambi asingakanani baba, singangenso yenyoni!' (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.14 Bhala umlingiswa owumngani kaNokulindela owameluleka ngesikhathi enomzwangedwa wokukhumbula uSandanezwe. Chaza ukuthi wameluleka wathini? Bhala amaphuzu AMABILI. (3)

1.15 Uthini umbono wakho ngesenzo sikaNomgedla sokusebenzisa ubuqhikiza bakhe ukusiza uZabalaza ekudliseni uNokulindela umuthi wentando? Sekela umbono wakho ngephuzu ELILODWA. (2)

1.16 Kungumqondo omuhle yini ukuthi isiguli seqe esibhedlela siye ekhaya ngaphandle kwemvume yodokotela? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.17 Bhala izinto EZIMBILI abafundi bebanga le-12 abangazizuza ngokufunda le ncwadi **Ithemba lami**. (2)

1.18 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekusebenziseni umlingiswa onguMaNgiba kule noveli ukuchaza ukuthi ingozi yebhasi nesitimela yenzeka kanjani. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-C no-D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

Haa! Yayenza indaba le nsizwa, wayesebuzile uManyoba, 'Uthe kukhokhwa nini? Kanjani?' Wambuka akabe esabheka eceleni. Phela lokhu sekuzomsiza akwazi ukuzifundela ikakhulukazi ngoba emsebenzini bamthembisa ukumkhuphulela kwesinye isikhundla uma esekwazi ukubhala nokufunda.
'Kukhokhwa ekupheleni kwenyanga. Akangitshelanga ukuthi kufundelwaphi kodwa uthe uma ngithanda angicele abanye esizohamba nabo, indlela ithanda ukuba yihlane uma usuka ngala kwelethu ihositela.' 'Mina ngiyathanda futhi ngizimisele ukuya. Thina asilitholanga ithuba lokufunda. Uma ithuba lifika, kufanele silithathe ngezandla zombili ukuze singahlupheki njengobaba bethu. Mtshele lowo muntu ukuba nami ngiyeza nakanjani angesabi.' Kwayijabulisa kakhulu le nsizwa lokhu ekuzwayo ngoba yayesaba ukuthi akuzuvela muntu bese ingabe isakwazi ukufeza iphupho layo lokuba ngelinye ilanga ibe isifundiswa ngoba yayisencane ngeminyaka.
Efemini ngesikhathi sokudla kuvamise ukuba kuhlale izinsizwa zangandawonye khona zizozixoxela zikhululeke kungekho abazongena ukuba bezwe izindaba zabo. Injabulo yokufunda yayibonakala ebusweni kulezi zinsizwa ezifuna imfundo.
Ebusuku zabonisana ngokuthi kufanele zixoxisane nezinye izinsizwa zincenge ukuba baphelezelane bayofunda ukuze nabo bazibhalele izincwadi. 'Bafowethu! Ebusuku sixoxe noManyoba ukuthi sinicele ukuba sihambe siyofunda esikoleni sasebusuku. Kukhona insizwa la engitshele ukuthi iyafunda njalo ebusuku nami ngathanda ngase ngicabanga ukuthi ngicele nina bafowethu ukuba siyofunda.'

| | | |
|---|---|---|
| 2.1 | Wayehlala kuphi uManyoba ngesikhathi esebenza eGoli ? | (1) |
| 2.2 | Yini eyayenza ukuthi uManyoba nezinsizwa zangakubo bakulangazelele ukuyofunda esikoleni sasebusuku? | (1) |
| 2.3 | Shono OKUBILI okwakwenziwa yizinsizwa ngesikhathi sekhefu ngokwalesi siqeshana. | (2) |
| 2.4 | Bhala imibuzo EMIBILI eyabuzwa nguManyoba ensizweni eyayibaxoxela ngesikole sasebusuku ngalolu suku. | (2) |
| 2.5 | Tomula amazwi asesiqeshini asikhombisa ukuthi insizwa eyayixoxa ngalolu daba lwesikole sasebusuku yayingathembi ukuthi ezinye izinsizwa zizobanothando lokufunda nazo. | (2) |
| 2.6 | Fingqa kafishane isigameko esenzeka ngesikhathi ifemu ibiza wonke umndeni ukuze ihlukanise izimali njengoba kwakuyalele uNtombela engakadluli emhlabeni. Bhala amaphuzu AMABILI. | (2) |
| 2.7 | Wayeziphilisa kanjani uNtombi ngesikhathi engakalotsholwa nguManyoba? | (2) |

Downloaded from Stanmorephysics.com


2.8 Hlaziya isizinda sale noveli: **Kusinda Kwehlela Endodeni**, ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo. Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

2.8.1 Indawo (2)

2.8.2 Isimo senhlalo (2)

2.9 Yikuphi okungumehluko phakathi kukaManyoba noNtombela mayelana nendlela ababeziphethe ngayo ngesikhathi besebenza kude nasemizini yabo? (2)

2.10 Bhala indikimba yale noveli, sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA D

Kwaba ukwehlukana nje maqede umama wawa ngedolo ecelela izingane zakhe intethelelo kuMdali ngoba bengakwazi abakwenzayo. Kanti umama akabuzanga elangeni ngakusasa ekuseni, akenzelwanga ukudla futhi kungekho angakwazi ukuzilungiselela kona ngoba umalokazana wathi lokhu okusele sebokulungiselela intambama. Lokho-ke kusho ukuthi umama wayengenakudla ayezokudla ngalelo langa kuze kube ntambama bebuya emsebenzini. Wawa ngedolo umama. Kwashaya ubaba wakwakhe emini ebuza impilo, wamthela ngesililo wazibonela naye engesilima ukuthi kwenzekani kumkakhe. Naye lapho ehlala khona, ulale engadlanga lutho ngoba ubuye kwamngane wakhe sebehambe beyodla ehhotela, besho nokusho ukuthi uyodla lapho ekhona. Ubengeke ahlale kuze kube yilesi sikhathi engadli lapho ekhona. Ubaba wazama ukumisa umkakhe isibindi ngokuthi: 'UNkulunkulu akehlulwa yilutho, uzolidala isu kungekude, ungakhali.'
Akekho phakathi kwabo bobabili owayenelisekile ngale nhlalo. Umama wakhala kwaze kwasa ethandaza. Okwakumhlupha kakhulu umama ukuthi noma kwakunendlala emzini wakhe, babekwazi ukukha imifino ezaleni badle ukudla okumnandi kwesiZulu balale benelisekile. Namuhla indoda yakhe ilala ingadlile kodwa yasebenza yafundisa idla isithukuthuku sayo. Kukubi le ndoda iwa ivuka, yehla yenyuka isebenzela lezi zingane zabo bethi babenza abantu.

2.11 Ngubani owashayela uMaNdlovu ucingo ngalolu suku? (1)

2.12 UMaNene wamhlukumeza kanjani umamezala wakhe ngalolu suku? (1)

2.13 Bhala isisho esitholakala kuleli binzana lamagama alandelayo:

Kanti umama akabuzanga elangeni ngakusasa ekuseni … (1)

2.14 Bhala umlingiswa owasiza uManyoba noMaNdlovu ngesikhathi benenkinga edolobheni eMnambithi. Chaza ukuthi wabasiza kanjani? Bhala amaphuzu AMABILI. (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com


2.15 Uthini umbono wakho ngesenzo sikaFanyana sokuvumela unkosikazi wakhe ahlukumeze umama wakhe? Sekela umbono wakho ngephuzu ELILODWA. (2)

2.16 Kungumqondo omuhle yini ukuthi abazali abashadile futhi sebebadala bahlaliswe ngokwehlukana? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.17 Bhala izinto EZIMBILI abafundi bebanga le-12 abangazizuza ngokufunda le ncwadi **Kusinda Kwehlela Endodeni**. (2)

2.18 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekusebenziseni umlingiswa onguThembalihle kule noveli ukuveza ukuthi abanye abazali abanayo imfundiso enhle ezinganeni zabo. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-E no-F) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA E**

Waphaphama ekuseni uBheki. Wesaba ukubonana noTholi ngakusasa. Wahola izinyawo wafica uTholi esehambile.
'Ngizwa kuthiwa intokazi ibikuvalele izolo?'
'Kanti Sifiso uhlala kuphi wena? Yonke into engiyenzayo uyayazi?'
'Ungazihluphi ngokuthi ngihlalaphi, phendula lo mbuzo wami wena.'
'Ngakutshela ngathi ngiyamthanda uTholakele. Ngimthanda ngenhliziyo yami yonke.'
'Awusophinde uganwe mngani wami. Ngiye ngizwe bethi uma insizwa ike yaqonywa umfelokazi, ayibe isaphunyuka.'
'Anginandaba mina nokuthi uTholi umfelokazi; okusemqoka ukuthi ngiyamthanda.'
'Isinyama lesi azosishiya kuwe?'
'Sengedlula kulezo zinto Sifiso.'
'Umama wakho uyayazi kodwa le ndaba?'
'Uyayazi ndoda. Angiyazi uyizwe kanjani, ngobani. Okubi-ke nje akafuni nakuyizwa.'
'Uzokwenzenjani-ke wena?'
'Ngingenzenjani Sifiso. Sesithandene phela noTholakele.'
'Kahle wena bo! Kanti akusikho nokuthi useshela?'
'Angeshelanga. Sabonisana. Sathola ukuthi siyathandana. Izimo zethu zazifana. Ushonelwe yindoda; ngifuna umakoti.'
Behlukaniswa ukukhala kwensimbi uBheki noSifiso. UBheki wabona ukuthi kubi uma nomngani wakhe emlahla. Nokho-ke wazitshela ukuthi umona nje obusa uSifiso. Umuntu owayeyinkinga kakhulu unina. Wayengazi ukuthi ekhaya uzofike athini. Wake wacabanga nokungayi ekhaya.
'Angingayi kumama ngoba okwamanje anginayo impendulo. Angiyozihlalela esitolo kuyoze kufike uTholi.'

3.1 Kungani uSifiso ethi uBhekani akasophinde aganwe? (1)

3.2 Yini eyayenza ukuthi kube nzima kuBhekani ukuyikhohlwa indaba kaTholakele? (1)

3.3 Shono OKUBILI okwakwenza ukuthi uBhekani abone ukuthi izimo zabo ziyefana benoTholakele. (2)

3.4 Bhala imibuzo EMIBILI eyabuzwa nguBhekani kuSifiso ngalolu suku. (2)

3.5 Tomula amazwi asesiqeshini akhombisa ukuthi uBhekani akakholelwa ezintweni zamasiko. (2)

3.6 Fingqa kafishane isigameko esenzeka ngesikhathi uTholakele ezolanda uBhekani kubo. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com



3.7 Ubaba kaBhekani wakukhombisa kanjani ukuthi akamfuni uTholakele? (2)

3.8 Hlaziya isizinda sale noveli: **Umshado**, ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo. Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

3.8.1 Indawo (2)

3.8.2 Isimo senhlalo (2)

3.9 Yikuphi okungumehluko phakathi kukaZenze noSifiso mayelana nendlela ababeziphilisa ngayo? (2)

3.10 Bhala indikimba yale noveli, sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

Wachaza kwaze koma amathe uBheki. Wancenga. Wayengazimisele nhlobo ukungafiki ekhaya baxoxe nonina. Unina futhi wayesanda kumthethisela yena uTholi lo. Wagcina esevumile uTholakele ukuba ahambe uBheki. Nokho kwakubonakala ukuthi inhliziyo yakhe ibuhlungu kakhulu. Ababange besahlala isikhathi eside. Kuthe uma kushaya isikhathi sokuba ahambe uBheki, wahamba.

Ahleke yedwa uBheki ebona ukuthi usephunyukile emlonyeni wengwenya. Naye yayibuhlungu kodwa inhliziyo yakhe. Kwakumnandi ukuhlala noTholi.

Uthe efika ekhaya waxoxaxoxa nonina wayolala. Ngenhlanhla iphupho elihluphayo alibuyanga. Avuke aqonde emsebenzini. Babonane noTholakele ekuseni. Agcizelele indaba yemali kaZenze uTholi. Imxake le ndaba uBhekani. UTholi phela ugcine engamtshelanga ukuthi uZenze ubeboshelweni. Afikelwe umqondo wokungabaniki imali, akhumbule ukuthi useze wavuma.

'Kazi le mali yami iyobuyiswa ubani, nini?' Azibuze lo mbuzo uBheki angayitholi impendulo. Akahlalanga kakhulu esikoleni uBheki. Waphuthuma ukuyokhipha imali. Wabuya wazolinda uPamella. 'Uma le mali ingabuyi isiyongena elobolweni,' uBheki lowo ezikhulumela yedwa. Uhleli nje uqalaza lo mlungu amlindile. Emva kwesikhashana nje atheleke uPamella. Ufika ngemoto ebomvu. Athi ukwethuka uBheki. Akhumbule ukuthi uLindiwe naye wathathwa imoto ebomvu. Abone uSifiso ephakamisa isandla ebingelela uPamella.

3.11 Ngubani owayeboshiwe ngokwalesi siqeshana? (1)

3.12 UPamella wayehamba ngemoto enjani ngalolu suku? (1)

3.13 Bhala isisho esitholakala kuleli binzana lamagama alandelayo:

Ahleke yedwa uBheki ebona ukuthi usephunyukile emlonyeni wengwenya. (1)

3.14 Ubani umlingiswa owaxwayisa uBhekani ngokuganwa kwakhe ngumfelokazi. Chaza ukuthi wamxwayisa wathini? Bhala amaphuzu AMABILI. (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.15 Uthini umbono wakho ngesenzo sikaBhatomu sokufuna ukungena uTholakele ngenkani? Sekela umbono wakho ngephuzu ELILODWA. (2)

3.16 Kungumqondo omuhle yini ukuthi umuntu wesilisa alahle umuntu wesifazane onengane yakhe ayoshada nomunye umuntu? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.17 Bhala izinto EZIMBILI abafundi bebanga le-12 abangazizuza ngokufunda le ncwadi **Umshado**. (2)

3.18 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekusebenziseni umlingiswa ongumama kaBhekani kule noveli ukuveza ubunzima bokukhulisa ingane yomfana engasekho ubaba wayo. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU B: UMDLALO

### UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-G no-H) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA G

*(Emzini wenkosi, uShandu. Inkosi izixoxela nomkayo uMaNgema. Bahleli endlini yokuphumula.)*

SHANDU: Waze wasiyala uHulumeni ngale mithetho yakhe esikhweza abafokazana emakhanda amakhosi.

MANGEMA: Uqinisile baba. ODuma abasazikhohliwe bengamakhosi. Ngempela uDuma ungekhohlwe sekunguye inkosi kule ndawo. Kukhona nabantu asebemkhulekela. Eqinisweni nje, lo Hulumeni wayecabangeni nje aze ashaye umthetho onje?

SHANDU: *(Ubuso buhwaqabala)* Kwakunani nje ukuthi bavotise abasemadolobheni kuphela? Thina makhosi basivikele ngokushaya umthetho othi masifundiswe ngokusebenzisana nabantu ekuletheni intuthuko. Buka nje manje, abantu sebenezimpawana zokuhlukana phakathi. Kukhona asebengibuka njengento engathi shu. Abanye bazonda uDuma egameni lokuthi usethathe isikhundla sami engasinikwa uMvelinqangi kanye nobabamkhulu.

MANGEMA: *(Ahebeze ngezandla sakuphika)* Cha! Cha! Noma ngabe lo mthetho ushaywe ePitoli noma eKapa inkosi iyohlale iyinkosi. Angifundile okuyaphi kepha ngiyazi ukuthi ngaphambi kokushaya umthetho, kudingeka kube nocwaningo. Phela kumele bacwaninge ngosikompilo lwama-Afrika kuqala ze bakwazi ukushaya umthetho ongachithi okukhona ngoba bakwethu, kuse-Afrika lapha.

SHANDU: *(Aneke izandla sakuzivula, okukaMfundisi eshumayela)* Ngivumelana nawe MaNgema. Uyazi kuyasho ukuthi walunguza esikoleni. Futhi-ke nje akukhona ukulunguza ukufunda uze ube nguthisha. Phela uhleli nje ungafundisi ngoba yimi kanye nobaba esanquma ukuba ube yinkosikazi yenkosi egcwele.

4.1 Ngubani uDuma ngokwalesi siqeshana osifundile? (1)

4.2 Yibuphi ubufakazi obukhombisa ukuthi abanye abantu kule ndawo base behlonipha kakhulu uDuma ukudlula inkosi? (2)

4.3 Tomula ibinzana lamagama akhombisa ukuthi uShandu wayekholelwa ukuthi isikhundla sobukhosi wasiphiwa nguNkulunkulu kanye namadlozi akubo. (2)

4.4 Yini ekhombisa ukuthi uShandu wayeyithemba imibono kaMaNgema? (2)

4.5 Nikeza izizathu ezenza ukuthi uShandu ayekise uMaNgema ukusebenza. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.6 Chaza ukuthi ubukhona bomlingiswa onguDlamini kwawuhlukumeza kanjani umphakathi wakule ndawo. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

4.7 Phawula ngodweshu lwangaphandle olwaba khona phakathi kukaMaShezi noDuma ngesikhathi kufike unogada wenkosi emzini kaDuma. (2)

4.8 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Ibinzana elithi: 'Ubuso buhwaqabala' lisho …

A ukuhleka.
B ukudinwa.
C ukukhuluma.
D ukuvuma. (1)

4.9 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 4.9.1 Umazongolo | A wakhoselisa uDuma |
| 4.9.2 UMbandlwa | B unkosikazi kaDuma |
| 4.9.3 UMaShezi | C unobhala wekhansela |
| 4.9.4 Usayitsheni | D umfundisi wendawo |

(4 x 1) (4)

4.10 Lutholakala kuphi uvuthondaba kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

DUMA: Usho ukuthini sayitsheni? Yimi yini ovimba intuthuko lapha kule ndawo?

SAYITSHENI: Uyakhumbula ngikubuza ukuthi uyathathisa na enkosini uma uzokwenza utho endaweni yayo? Wathini wena? Angithi wadaza inkani? Nenhlangano yakho yaphinda yakuyala ngokuhlonipha inkosi, wenza wena okuthandwa nguwe. Bafile-ke manje abantu. UMbandlwa siyezwa ukuthi ubengungqa phambili ekutheni wenze lokho obukwenza. Naye uDlamini kuyavela ukuthi ubethukuthela aze enze izinto ezingalungile njengakho ukushaya uMbandlwa. Angimsoli-ke yena kakhulu ngoba ubehlukunyezwa ngukubona wena uthela inkosi yakhe ngothuli.

DUMA: *(Ukuzithoba kuyadlondlobala. Useze watshekisa ngisho nekhanda. Izandla zakhe ulokhu ezihlanganisa njengomuntu okhuluma nomuntu amhlonipha ngendlela exakile)* Ngiyezwa sayitsheni *(Athule kancane).* Sekwenzekile-ke okubuhlungu sayitsheni. Ngiyaphinda ngithi vele sekonakele. Manje, ngizocela nigcine ukuthula endaweni, mina sengizowuyeka-ke lo msebenzi wobukhansela.

Downloaded from Stanmorephysics.com


SAYITSHENI: *(Enyuse izwi ngenxa yentukuthelo)* Uthini? Uyeke? Niqala izinto bese nigabisa ngokuyeka uma sekonakele? Lutho! Wena yelekelela ekucisheni lomlilo wothathe osuwokhele.

DUMA: Kahle sayitsheni. Ngizowucisha kanjani lo mlilo? Bazongibulala phela abantu.

SAYITSHENI: *(Amkhombe ebunzini)* Hawu! Wena kanti uyakusaba ukubulawa? Manje ukhetha ukuthi kubulalane abantu benkosi? Musa ukudlala lapha. Amakhansela afana nawe vele ayahluleka ukwenza umsebenzi wawo ...

4.11 Kungani uDuma asho la mazwi alandelayo?

'Ngiyaphinda ngithi vele sokonakele.' (2)

4.12 Yini okwakumele yenziwe uDlamini noMbandlwa ukugwema impi kanye nokubulalana kwabantu endaweni? (2)

4.13 Ngubani umlingiswa ongummeleli kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

4.14 UMaShezi ungumlingiswa oyindilinga kulo mdlalo. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

4.15 Lokhu okwenziwa nguDuma ngesikhathi abantu befuna ukumbulala kuyinto ekholekayo nengenzeka empilweni yangempela. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

4.16 Ngabe ikhava yale ncwadi ihambisana kanjani nesiphetho salo mdlalo? (2)

4.17 Umbhali uyilandelile imigomo yokubhala isingeniso kulo mdlalo. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-I no-J) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA I**

| | |
|---|---|
| NHLEKO: | Uqinisekile Ntombi endala? Usho ukuthi akakaze azokubona ugula khona muva nje? |
| MAMKHIZE: | *(ehleka)* Mina ngigula, hhayi, angisiyo nje leyonhlobo. Ngagcina mina ukugula ngiye emngcwabeni womfowethu ngingenwe ngamakhaza ngonyaka ophelile. Angigulaguli mina. |
| NHLEKO: | Ukukhuluma naye ugcine nini mama? |
| MAMKHIZE: | Cha, ucingo yinto avamisile ukuyishaya noma sekuyisikhathi agcina, kepha yena uvamisile. Hhayi bo! Wase ungibuza imibuzo engaka kanti nimfunelani umntanami emaphoyiseni? |
| NHLEKO: | Cha, mama, njengoba bengishilo sifuna ulwazana nje akukho lutho. |
| MAMKHIZE: | Hhayi bo! Ningambophi umntanami. |
| NHLEKO: | Cha mama, ngeke simbophe. Akenze lutho. Impela ngeke simbophe. |
| MAMKHIZE: | Kanti imibuzo yani leyo? |
| NHLEKO: | Imibuzo nje yomthetho. |
| MAMKHIZE: | Kulungile, ngiyezwa-ke mntanami. |
| NHLEKO: | *(Esukuma)* Sengibongile mama, sengicela ukuhamba. |
| MAMKHIZE: | Uma nimthola nimtshele eze azongibona bo. |
| NHLEKO: | Ngizokwenze njalo mama. Ngizokukhonzela. |
| MAMKHIZE: | Ungikhonzele kakhulu mntanami. |
| NHLEKO: | *(Avalelise uNhleko aphume. Endleleni uhamba ekhuluma yedwa.)* Kungenzeka yini ukuthi nguye uSonto owadubula uMfundisi? Impela sekusobala manje. Manje ngizobenzenjani lobu bufakazi engibutholile? Kodwa akufanele ngitatazele. Kuyofanele siqoqe bonke ubufakazi esingabuthola bese siyambamba lo nkosikazi. Impela akufuneki **ukuxhamazela** uma sekunje. Kuzofanele siyobheka nalapha okwadutshulelwa khona uMfundisi sibone ukuthi singethole lutho yini. He, akakhohliwe nje ehlakaniphile lo nkosikazi. Kodwa ngiyafunga, ngeke kugcine yena! *(Aqhubeke nohambo esephikelele esiteshini samaphoyisa.)* |

5.1 Ngubani uMaMkhize ngokwalesi siqeshana osifundile? (1)

5.2 Yibuphi ubufakazi obatholwa nguNhleko ngesikhathi exoxa noMaMkhize? (2)

5.3 Tomula umusho ophelele okhombisa ukuthi uNhleko wayenesiqiniseko sokuthi uzogcina embophile uSonto. (2)

5.4 Yini ekhombisa ukuthi uSonto babemethemba esontweni ayekhonza kulo? (2)

5.5 Nikeza izizathu ezenza ukuthi uSonto athenge oMthofi ukuba babulale uMbhele. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.6 Chaza ukuthi ubukhona bomlingiswa onguMthofi kwawuhlukumeza kanjani umphakathi wakule ndawo. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


5.7 Phawula ngodweshu lwangaphandle olwenzeka ngesikhathi uNhleko efika noSonto kwaMaNsibande ezobuza ngecala lokudutshulwa kukaMfundisi. (2)

5.8 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Igama elithi: '**ukuxhamazela**', lisho …

A ukubopha.
B ukutatazela.
C ukuxwayisa.
D ukukhala. (1)

5.9 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 5.9.1 UToronto | A usebenza ebhange |
| 5.9.2 UMaNtuli | B isigebengu esingumngane kaMthofi |
| 5.9.3 UZondo | C unkosikazi wokuqala kaMbhele |
| 5.9.4 UNtanzi | D umfundisi owadutshulwa uSonto |

(4 x 1) (4)

5.10 Lutholakala kuphi uvuthondaba kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

| | |
|---|---|
| MTHOFI: | Ngiqinisile, ngadonsa *fifteen years* wonke, kodwa lo doti ujika uyangi … |
| NHLEKO: | *(Ekhuluma uMthofi engakaqedi ukukhuluma.)* Usenikhokhele ngokubulala umyeni wakhe? |
| MTHOFI: | *(Enxapha)* Lutho, kangithi yikho nje silapha? Sizofuna imali ye … |
| NHLEKO: | Kulungile-ke madoda senisebenzile nasinciphisela umsebenzi. Sengiyanithatha-ke ngihamba nani. |
| TORONTO: | Uhamba nathi uyaphi? |
| NHLEKO: | Ngiyanibopha. Seniyochaza phambili. |
| MTHOFI: | Hawu madoda, kalula kangaka pho! Waze wangenza lo doti wesigangi madoda! *(Abafake izinsimbi uNhleko abavalele evenini. Angqongqoze endlini kungavuli muntu, aphenduke angene evenini, ayidumise ihambe.)* |
| NHLEKO: | *(Ekhuluma yedwa eshayela.)* Kodwa kade ngangisola ukuthi lo Sonto unesandla ekufeni kukankosikazi kaMbhele. Sesinabo nobufakazi, okusele ukuthi simbophe. Usezobhekana namacala amabili okubulala. Nginamanga, mathathu amacala okubulala azobhekana nawo ngoba nampa oMthofi bavumile ukuthi babulala uMbhele ngoba bethunywe yiso lesi sikhohlakali. Sekumphelele ngempela manje. Ingabe useyephi ebusuku kangaka ngoba ngabe uyaboshwa kwamanje? Kodwa kufanele singamtatazeleli. Ngizobuya kusasa sengihamba namanye amaphoyisa |

Downloaded from Stanmorephysics.com


sizomhlasela kahle ntambama ngale nkathi ezitshela ukuthi uphumule. Okufanele ngikwenze nje manje ngukulungiselela icala likaMaNsibande elikusasa. Emva kwalo, hhawu, kuyasuka lokho, uyaboshwa uSonto. *(Aqhubeke nokushayela aze ayofika esiteshini samaphoyisa.)*

5.11 Kungani uNhleko esho la mazwi alandelayo?

'Kulungile-ke madoda kangithi senisebenzile nasinciphisela umsebenzi.' (2)

5.12 Yini okwakumele yenziwe uMbhele emva kokubona uMthofi engena emzini wakhe? (2)

5.13 Ngubani umlingiswa ongummeleli kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

5.14 UDlamini ungumlingiswa oyindilinga kulo mdlalo. Sekela lesi sitatimende. (2)

5.15 Lokhu okwenziwa nguNhleko ngesikhathi uSonto efuna ukubona uMfundisi esibhedlela kuyinto ekholekayo nengenzeka empilweni yangempela. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

5.16 Ngabe ikhava yale ncwadi ihambisana kanjani nokwenzeka kulo mdlalo? (2)

5.17 Umbhali uyilandelile imigomo yokubhala isingeniso kulo mdlalo. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-K no-L) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA K**

*(UDumisani ungena endlini ufica unina noyise behlezi)*

| | |
|---|---|
| MAMBATHA: | *(Ngokwesasa)* Wangena silwane sakwamhlola! Bengingazi ukuthi uhlakaniphe kangaka. Kwenziwa njalo mfana wami umakoti akabe esadedelwa uma eseke wangena ekhaya. |
| DUMISANI: | *(Ebukisisa unina)* Hhayi bo ukhuluma ngani mama? |
| MAMBATHA: | Musa ukuzenza isilima wena. Phela ngikubone kahle nje uxoxa nomakoti. Kusobala ukuthi ibimkitaza le nto obuyisho ngize ngambona ehleka kakhulu. |
| ZUNGU: | Chazela umfana kahle MaMbatha. Yini indaba enkulu kangaka uvele uyigubhuze nje wena. |
| DUMISANI: | Iyiphi leyo ndaba baba? |
| MAMBATHA: | Wena Manzini usakhuluma sengathi indaba entsha lena? Useqalile phela umfana. Kanti awumbonanga yini exoxa nentokazi laphaya *(akhombe).* |
| DUMISANI: | Kanti usho umakoti kaSikhumbuzo, umfowethu? Cha bengifuna ukwazi ukuthi uhlezi kanjani lapha ekhaya. |
| MAMBATHA: | *(Ecasuka)* Kanti lo muzi sekungowakho yini? Uma ehlezi kabi uzomenza ahlale kahle? Uyeka into okufanele ngabe uyayenza, uzobangisa uyihlo. OkaManzini lo muzi. Uyena kuphela ongakhuluma ngenhlalo yabantu. |
| DUMISANI: | *(Exakekile)* Ngiyaxolisa mama uma ngonile. Iyiphi le nto othi kufanele ngabe ngiyayenza? |
| ZUNGU: | Musa ukuthatha ngamawala nkosikazi. Mfana lalela kahle. Umakoti ufuna ukubuyela ekhaya manje. Uma kungenzeka into enjalo abaphansi bangahlala phezu kwethu. Kufuneka sizame ukulwa nalesi simo. |

6.1 Ngubani uSikhumbuzo ngokwalesi siqeshana osifundile? (1)

6.2 Yini le uMaMbatha ayefuna yenziwe nguDumisani? (2)

6.3 Tomula amazwi kaMaMbatha asho ukuthi uThenjiwe wayejabulile ngesikhathi exoxa noDumisani. (2)

6.4 Yini ekhombisa ukuthi uNondumiso wayengahambisani naleli siko lokungena? (2)

6.5 Nikeza izizathu ezenza ukuthi uThenjiwe angahambisani nesinqumo sabakwaZungu sokuthi angenwe nguDumisani. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.6 Chaza ukuthi ubukhona bomlingiswa onguMaMbatha kwamhlukumeza kanjani uThenjiwe. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


6.7 Phawula ngodweshu lwangaphandle olwenzeka ngesikhathi uSipho elamulela uThenjiwe kuDumisani ebusuku. (2)

6.8 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Igama elithi: '**ngokwesasa**,' lisho …

A ukukhala.
B ukulala.
C ukujabula.
D ukukhuluma. (1)

6.9 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 6.9.1 UGugu | A washonela ejele |
| 6.9.2 USipho | B owesifazane ongumngane kaThenjiwe |
| 6.9.3 UMaNzuza | C indodakazi YakwaZungu |
| 6.9.4 UThabi | D umakhelwane kaMaMbatha |

(4 x 1) (4)

6.10 Lutholakala kuphi uvuthondaba kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA L**

*(Kusekhaya kwaMondise. Kufike uNondumiso noThenjiwe.)*

THENJIWE: *(Ukhuluma yedwa)* Sengathi ngifike ekugcineni-ke manje. Kokunye nobaba angijikele nje. Sengathi ugogo angeze ayizwa le ndaba yokubuya kwami. Angiyikhohlwa indlela ajabula ngayo ngishada. Wayelokhu esho ethi umendo ungicelele emadlozini. Ngiyamethemba ubaba. Kodwa naye kwakungumuntu wamasiko. Asikaze kodwa sixabane naye. Angiboni kodwa ukuthi angavuma ngiganiselwa umuntu ngenkani. Ungcono umama. Angiphathi-ke njengoba kukhona igugu lakhe uNondumiso. Kwangiyala ukufa madoda. *(Athi ukuthula)* Omunye umuntu engisafuna ukumthatha ngodlame uDumisani. Ukuthi ushintshe nini angiqondi. Ngizomtshela kube kuncane indawo. *(Athikaziswe abangenayo)*

NONDUMISO: Noma usulapha ekhaya kanti awukhululeki? Phela akusekhona emzini lapha.

MONDISE: Sawubona ndodakazi.

THENJIWE: *(Ngeliphansi)* Yebo baba.

MONDISE: Udadewenu useke wangithi fahla ngodaba lwakho. Nokho-ke ngithe nawe ake uzibekele ngawakho ukuze nami ngizwe kahle.

Downloaded from Stanmorephysics.com


| | |
|---|---|
| THENJIWE: | Kunjengoba eshilo baba. Emva kokushona kukamkhwenyana wami ngizithole sengisenkingeni enkulu. Emzini kuthiwa angigane umfowabo wendoda engasekho. |
| MONDISE: | Kwakuvele kwenziwa njalo mntanami. Uyabona lapha kwaDubazane nje, yiso leso. KwaMnqayi yiso leso. |
| NONDUMISO: | Kodwa-ke baba labo bantu kusho ukuthi babe nothando lokwenza nokugcina lelo siko. |
| THENJIWE: | Ake ngichaze kahle baba. Ngendlela engaphatheka kabuhlungu ngayo kushone umyeni wami, ngavele ngaphelelwa uthando lokuthanda umuntu wesilisa. Angifuni lutho nje. |

6.11 Kungani uMondise asho la mazwi alandelayo?

'Kwakuvele kwenziwa njalo mntanami.' (2)

6.12 Yini okwakumele yenziwe uThenjiwe ukugwema/ukuvimba ukuphoqelelwa kwakhe ngaleli siko lokungena? (2)

6.13 Ngubani umlingiswa ongummeleli kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

6.14 UZungu ungumlingiswa oyindilinga kulo mdlalo. Sekela lesi sitatimende. (2)

6.15 Lokhu okwenziwa nguThenjiwe kokuthi afune ukubuyela ekhaya emva kokushonelwa ngumyeni wakhe kuyinto ekholekayo nengenzeka empilweni yangempela. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

6.16 Ngabe ikhava yale ncwadi ihambisana kanjani nokwenzeka kulo mdlalo? (2)

6.17 Umbhali uyilandelile imigomo yokubhala isingeniso kulo mdlalo. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2

### UMBUZO 7

7.1 **'UNOZIMOTO' – Sicelo Zimema**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**ISIQESHANA M**

'Mina angisaboni nje ukuthi ngisengabekezelela indoda. Ndawo! Ukuhlangana kwabantu sebemazinyo qinile bobabili nje yinto engasebenzi leyo,' kusho uDombi enwaya isihlathi.

Abantu bafikafika baze baba baningana esitobhini. Kwakuthi uma kuqhamuka imoto, uKaMaseko avayize eyimisa. Nokho angabi nanhlanhla, yedlule imoto ingemi, athole zona izintuli zayo kuphela. Dukuduku kwaqhamuka ibhasi ithwele ihlihlima, ivale ngomuntu emnyango. Yedlula ngehubo, nayo yasho yabafumba ngezintuli. Abiphe njalo uKaMaseko ephimisa izintuli, ezithintitha nasengutsheni yakhe. Kuze kubone noma ubani osesitobhini ukuthi yaze yayikholisa ibhasi le **ncwasimende.**

'Ewu, ungaze uthintithe, yinhle nale thuphisi yakho. Wakuthengela wakwehlula uJiyane,' Kusho uDombi ehleka eze ekhiphela ulimi ngaphandle, luba ngaka.

'Yebo phela, wathenga. Kodwa isikhwele sale thuphisi! Uma engangifica ngiyigqokile nje eqhamuka emsebenzini, ngabe ngivelelwe. Angabuza esefile ukuthukuthela ukuthi ngiyifakele ukubukwa ngubani engekho? Awazi wena ukuthi uyikhwelezela kanjani le ngubo yami.'
'Nale bhasi seyigcina ngakho nje ukusithela ngezintuli, ayisasithathi. Konje wena awuyigibeli ibhasi?'
'We-a! Ubani? Ngingcoliswe yila mabhasi alapha emakhaya athi uma ehamba abuthe uthuli lugcwale ngaphakathi abantu bangabe besabonana nokubonana? ...'

7.1.1 Yini eyenza ukuthi ibhasi lidlule ngehubo lingabagibelisi abantu ababesesitobhini? (1)

7.1.2 Ngokwalesi siqeshana osifundile yini le okuthiwa uJiyane uyayikhwelezela? (1)

7.1.3 Yisiphi isizathu esasenza uKaMaseko angakuthandi ukugibela ibhasi? (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


7.1.4 Tomula inkulumo kaDombi ekulesi siqeshana esitshela ukuthi wayengasazimisele ngokuphinde agane. (2)

7.1.5 Chaza leli gama elibhalwe ngokugqamile njengoba lisetshenzisiwe kulesi siqeshana esingenhla.

Kuze kubone noma ubani osesitobhini ukuthi yaze yayikholisa ibhasi le **ncwasimende**. (2)

7.1.6 Indaba emfushane kuyancomeka ukuba ibe nesingeniso esifushane/esiqoqekile. Chaza ukuthi ufezekile yini lo mgomo kule ndaba. (2)

7.1.7 Uphumelele yini umbhali ukulandela umgomo wendaba emfushane omayelana nokuqoqeka kwesikhathi? Sekela impendulo yakho. (2)

7.1.8 Chaza kafushane ukuthi yayinjani imoto eyagibelisa uKaMaseko. (2)

7.1.9 Ukuba wena wawungumngani kaKaMaseko wawuyomeluleka uthini mayelana nobungozi bokugibela izimoto angazazi? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

7.1.10 Kwakuyisenzo esihle yini ukuthi abazali bakaKaMaseko bahlawule kuJiyane? (2)

**KANYE**

7.2 **'LAPHO KUKHONA UTHANDO' – NE Mbesa**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA N**

USebenzile yena akalalanga wuthando lwesoka lakhe abazobe bebonana okukuqala ngqa nalo. Pho ezithombeni **akunsizwa inyakanyaka!** Nalelo lizwi layo mhla elizwa ocingweni okukuqala ungafunga uthi uyalizwa namanje. Sengathi uyayizwa mhla bexoxa okokugcina isithi, 'Sesiyobonana khona-ke ehhotela Sithandwa sami. Sengilungise yonke into. Angisakwazi ukulinda.'

Ekuseni baphinde bahlale njengoba bebehlezi izolo. Lapho ebuyekeza inkulumo yesoka lakhe uSebenzile amane amoyizele yedwa, ephenduphendula izandla zakhe. Le nsizwa eyazi isiZulu imane imuthi jejemuzi. Phela uthi angakhathala ukufunda akhiphe izithombe zesoka lakhe. AmaShona namaNdebele awanasizungu wona ngoba ayazixoxela. Nayo le nsizwa ayimshiyi isikhathi eside. Akukubi neze.

Imini yonke badamane bekhwelela imiphako uma sebelambile. Babuye baphume balunguze ngamafasitela lapho sishosholoza sishiya izihlahla nemfuyo ngemuva.

Uthe ebona uSebenzile base beqala ukunyakaza. Kukhona okuke kwashiwo ngugadi. Habe! Kusho ukuthi sebeyasondela lapho kuphela khona isitimela.

Downloaded from Stanmorephysics.com

> 'Sisi, sesiyangena esiteshini lapho sizoxhuma khona ibhasi elizosedlulisela kwaBulawayo. Ithi ngikusize ukuqoqa impahla yakho.'
>
> Bathe bangehla baphuthuma ebhasini. Le nsizwa ezibiza ngoWanda idamane imchazela konke amele akwenze. Kazi ubeyoba yini ngaphandle kwakhe! Banele bangene bonke ebhasini libe lihosha njalo linqamula izinkalo. Nokushisa manje sekuthe bhe. Kuthi noma kufika ubuthongo uthole ukuthi akekho okunakile.

7.2.1 Yini le eyenza ukuthi uSebenzile angalali ngalobu busuku okukhulunywa ngabo kulesi siqeshana? (1)

7.2.2 Yiziphi izizwe ezazikulesi sitimela okukhulunywa ngaso kulesi siqeshana? Bhala EZIMBILI. (2)

7.2.3 Bhala amazwi okugcina ashiwo yisoka likaSebenzile ngesikhathi bexoxa ocingweni. (2)

7.2.4 Chaza ukuthi uSebenzile wayesichitha kanjani isizungu ngesikhathi esesitimeleni esasiphikelele kwaBulawayo. (2)

7.2.5 Bhala umqondo onikezwa isenzukuthi esisemshweni olandelayo esichaza isimo esasisebhasini elaligcwele.

Nokushisa manje sekuthe **bhe**. (1)

7.2.6 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe kulesi siqeshana.

Pho ezithombeni **akunsizwa inyakanyaka!** (2)

7.2.7 Yikuphi okufanayo phakathi kwezinkundla zokuxhumana ngomakhalekhukhwini kanye nohlelo lwama-*pen pals* okukhulunywa ngalo kule ndaba? (2)

7.2.8 Chaza ukuthi kungani isenzo somlingiswa onguBen/Wanda sokuthola intombi esebenzisa uhlelo lwama*pen pals* singaphephile esikhathini samanje. (2)

7.2.9 Umbhali usethulele kahle indikimba yale ndaba emfushane. Sekela ngokubhala indikimba bese uyichaza ngephuzu ELILODWA. (3)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU D: IZINKONDLO**

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2.

**UMBUZO 8**

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**NGINGOWELIBA – NL Luthuli**

Umzimba wam' uhlukene nomphefumulo.
Umzimb' ubuyele kwamhlab'emhlabathini
La owadabuka khona.
Umphefumulo awusenasabelo kwamhlaba.
Umzimba kuphel' onesabelo,
Ngob' ungoweliba.

Nendodana kaSomandla
Yaba ngeyethuna.
NgoLwesithathu yalinqob' iliba,
Yavuka kwabaleleyo.
Pho mina bengingahlala kanjani
Ngingabi ngoweliba na?

Um' indodana yoMunt' ingakabuyi,
Ngiyoba ngoweliba njalo.

Ngiyazi bayokhala balile,
Bathi balahlekelwe,
Bayosho baze bafakazelane
Ngent' eyodwa;
Bathi baf' olwembiza ngokuhamba kwami.
Keph' engikwaziyo kunye,
Mina nabo singabeliba.

8.1.1 Bhala umugqa ovulekile esitanzeni soku-1. (1)

8.1.2 Bhala umugqa onefanamsindo lonkamisa otholakala esigabeni soku-1 bese udwebela leyo msindo. (2)

8.1.3 Nikeza ukuxhumana-siqalo okutholakala esitanzeni soku-1. (2)

8.1.4 Tomula umugqa osesitanzeni sesi-3 ofakazela ukuthi iNdodana yomuntu yafa ngendlela eyehlukile kuneyethu thina bantu basemhlabeni. (1)

8.1.5 Hlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


8.1.6 Bhala imisho enemvumelwano esitanzeni sokugcina, udwebele izinhlamvu ezakha leyo mvumelwano bese usho ukuthi iluhlobo luni. (3)

8.1.7 Phawula ngesigqi sale nkondlo. Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

8.1.8 Hlobo luni lwesifengqo olutholakala egameni elibhalwe ngokugqamile emgqeni olandelayo:

'Bathi baf' olwembiza **ngokuhamba** kwami.' (2)

8.1.9 Imbongi ikholwa ngukuthi nayo ingeyeliba. Ichaza ukuthini ngalokhu? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**KANYE**

8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**NGIYAFISA UKUBA QOTHO – DA Hlophe**

Ngiyafisa ukuba qotho
Ngishumayele ngobuqotho,
Ngibe qotho ezindleleni zami
Ulimi lwami lube qotho,
Ngibe qotho nanxa ngikhuluma.

Ngiyafisa ukuba qotho
Emisebenzini yami,
Nanxa ngikhandleka
Imisebenzi yami ibe qotho
Iziphambeko zami zisulwe.

Ngiyafisa ukuba qotho
Kubazali bami
Ngihloniphe omdala nomncane
Ukuze ngitshal' imbewu
Yobuqotho esizweni sakithi.

Ngiyafisa ukuba qotho
Eziphiweni zami enginazo
Ukuze ngisebenzise zonke
Ngokukhulu ukwethembeka
Ukuze ngijabulise abantu.

Ngiyafisa ukuba qotho
NakuSomandla uqobo!
Ngiziveze ngimsulwa kuye
Ngikhale kuye angizwe
Yen' owazi ngempokophelo yami.

Downloaded from Stanmorephysics.com


8.2.1 Bhala indikimba yale nkondlo. (1)

8.2.2 Iqondeni imbongi ngale migqa elandelayo?

'Nanxa ngikhandleka
Imisebenzi yami ibe qotho' (2)

8.2.3 Bhala amagama AMABILI atholakala enkondlweni asitshela ukuthi imbongi ingumuntu okholwayo. (2)

8.2.4 Fingqa ngephuzu ELILODWA okushiwo yimbongi ngokusobala esitanzeni sesi-4. (2)

8.2.5 Imbongi yale nkondlo ingumuntu wokuqala. Fakazela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

8.2.6 Nikeza umoya wale nkondlo bese wesekela ngephuzu ELILODWA. (2)

8.2.7 Kunamthelela muni ukusebenzisa igama 'qotho' ngokuphindiwe esitanzeni soku-1. (2)

8.2.8 Imbongi iphumelele ukudlulisa umyalezo wayo ngokusebenzisa le nkulumo; **Ukuze ngitshal' imbewu**, Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

8.2.9 Ngokucabanga kwakho kubaluleke ngani ukuthi umuntu ahloniphe omdala nomncane njengoba imbongi isho esitanzeni sesi-3? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Downloaded from Stanmorephysics.com

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**2023**

**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA**

**AMAMAKI: 70**

**Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi angama-29.**

*Akuvumelekile ukukopisha lo mhlahlandlela wokumaka*

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA:**

- Ohlolwayo akufanele aphendule imibuzo engaphezulu kowodwa ngohlobo olufanayo lombhalo.
- Uma umfundi enikeze izimpendulo ezimbili, maka eyokuqala bese ungayinaki elandelayo.
- Uma izinombolo zezimpendulo zingahleliwe ngendlela efanele, maka ngokwememo.
- Uma iphutha lesipelingi liphazamisa umqondo, ayingamukelwa leyo mpendulo. Uma lingawuphazamisi umqondo, ayamukelwe impendulo.
- Uma ohlolwayo engabasebenzisi onokucaphuna lapho kuthiwe akacaphune khona, ungamjezisi ngalokho.
- Emibuzweni evulekile, akunganikwa mamaki ngoYEBO/CHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMI. Kanjalo futhi akukho mamaki okumele anikezwe ngoYIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Kumele kugxilwe kulokhu okwesekelwa ngakho impendulo.

Akuvumelekile ukukopisha lo mhlahlandlela wokumaka

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

### ISIQESHANA A

1.1 KwaHlazakazi√/Esigodini sakwaHlazakazi.√ (1)

1.2 Wayefuna ukugculisa/ukwenelisa umama wakhe.√ (1)

1.3 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayecula iculo losizi. √/
- Wayebhekise ikhanda phansi. √/
- Wayebalisa ngesoka lakhe.√ (2)

1.4 OKUBILI kokulandelaye:
- Kodwa Sandanezwe ubekwa yini lapha? √/
- Ungaze ungibuze ukuthi ngifelwe yizwe nje uphumaphi? √/
- Wanyamalalisa okomphefumulo, awusabhali, awusathini, kwenzenjani, wahlekisa ngami ezweni ngenzeni? √ (2)

1.5 Nebala ukusa kwaziwa nguye … √√ (2)

1.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wahaya ingoma enamagama ahlabayo/ ayiziswana ewabhekise kuSandanezwe. √/
- UZabalaza wabingelela uSandanezwe, wambuza ukuthi wakhonkobala nje sengathi inkonyane ingancelile. √/
- Waphinda wamtshela ukuthi uyakufihla ukugula kwakhe. √/
- Wathukuthela uSandanezwe kodwa ingekho into ayengayenza ngoba uZabalaza wayehamba neviyo lezinsizwa zangakubo.√ (2)

1.7 Sabona ukuthi wayesencishelwe yigazi yingakho ayesezacile nje. √√/
Uhamba nendoda emfushane. √√/
Kunedimoni elimkhwelele nabamphonsayo. √√ (2)

1.8 1.8.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
**Yenzeka emakhaya.**
- Abantu basakha amanzi emfuleni.√/
- Izinsizwa zicutha ngasemthonjeni uma zifuna ukweshela izintombi. √/
- Kusekhona amaqhikiza njengoNomgedla. √/
- Izinsizwa zisashayana ngemishiza. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.8.2 **Isimo senhlalo**.
**Abayothi sihle:**

- Omakhelwane bahlalisene kahle bayasizana uma kuvela izinkinga njengoba uSiwela abahambisa ngemoto oSandanezwe kwaCeza.√/
- Abantu bayakwazi ukwethembela ezihlotsheni zabo uma benenkinga njengoba uSandanezwe ayethembele kuZondiwe. √/
- Umnumzane uzijezisa kanzima izigilamkhuba ezidunga ukuthula endaweni.√

**Abayothi sibi:**

- Abantu sebephila ngokwesaba ngenxa yokuthi sekukhona izifo ezingalapheki.√/
- Sekukhona izinyanga ezingathembekile ezelapha ngezitho zabantu. √/
- Abanye abantu sebaphelelwa unembeza nobuntu ngoba sebekwazi ukuhlekisa ngokugula komunye umuntu.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.9
- USandanezwe wayekholelwa ukuthi odokotela siyabadida lesi sifo esasimphethe, ngakho-ke ukuhlala esibhedlela kwakungeke kumsize ngalutho.√
- UZondiwe wayekholelwa kodokotela, nokunguyena owameluleka ukuthi aye esibhedlela.√ (2)

1.10 Indikimba – Ingculazi.√/Izifo.√
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Incwadi ikhuluma ngesifo esingalapheki, ingculazi. √/
- USandanezwe wahamba odokotela, izinyanga nabathandazi ezama ukuthola usizo.√/
- Bonke abantu ayebahamba behluleka ukunqoba isifo esasimphethe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

1.11 Insizwa yakwaNtshingila.√ (1)

1.12 Babezomtholela isitho sangasese somuntu wesifazane.√ (1)

1.13 Isisu somhambi asingakanani [baba], singangenso yenyoni!√ (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.14 USebenzile.√
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wamtshela ukuthi akalinde njengoba naye elinde isoka lakhe uKhumbulani.√/
- Wathi angayithembi kakhulu le ndaba ngoba wayizwa ngembangi kaSandanezwe. √/
- Wamtshela ukuthi uma eqoma uZabalaza uyobe uzehlise isithunzi endaweni yangakubo.√ (3)

1.15 **Abathi isenzo esibi bayothi ...**
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Lesi senzo sikhombisa ukungathembeki ngoba uNomgedla kwakumele abe yisibonelo esihle kuwo wonke amantombazane ayengaphansi kwesandla sakhe. √√/
- Umuntu ongumholi akumele athathe uhlangothi oluthize, kodwa kumele asebenze ngeqiniso. √√

**Abathi isenzo esihle bayothi ...**
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Lesi senzo sihle ngoba uNomgedla wayebazisa ubuhlobo njengoba uZabalaza kwabe kungukanina wakhe. √√/
- UNomgedla wayekholelwa wukuthi uZabalaza wayemthanda ngokweqiniso uNokulindela. √√/
- Kungenzeka ukuthi naye uNomgedla wayemthanda uNokulindela emthandela uZabalaza. √√/
- Kungenzeka ukuthi ukudlisa intombi kwabe kungumkhuba ojwayelekile endaweni. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.16 **Kungumqondo omubi.**
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kungaba nzima ukuthi isiguli sibuye siphindele esibhedlela uma sesixinwe ukugula. √/
- Ukufa kuyabhebhetheka ngesikhathi isiguli sisahambile. √/
- Kungenzeka ukuthi isiguli siphethwe isifo esingadanjiswa yimithi yodokotela kuphela.√/
- Kungenzeka ukuthi isiguli siphethwe ukufa okuthathelanayo, bese sibhebhetheka isifo. √/
- Isiguli singangena ezindlekweni sikhokhela izinyanga nabathandazi ekubeni esevele ekhokhile esibhedlela.√

**Kungumqondo omuhle.**
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Isiguli sinelungelo lokuzikhethela ukuthi sifuna ukwelashwa kuphi. √/
- Kungenzeka ukuthi uma isiguli singagculisekile ngendlela esilashwa ngayo bese siyaphuma esibhedlela. √/
- Singahamba isiguli uma sithola ukuhlukumezeka esibhedlela. √/
- Kungenzeka isiguli seqe esibhedlela uma singabuboni ubungcono. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.17 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Bangafunda ukuthi kubalulekile ukuthi umuntu aziphathe kahle angahambi elala nje, njengoba kwenza uSandanezwe.√/
- Bangathola nangobungozi bokweqa esibhedlela.√/
- Bangathola nokwazi ukuthi ziningi izinyanga nabathandazi bamanga.√/
- Kuyingozi ukusebenzisa umuthi wentando.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.18 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UMaNgiba wayengaphandle ngesikhathi kwenzeka le ngozi ngakho-ke wakwazi ukubona konke okwakwenzeka. √/
- UMaNgiba nguye owayebaxoxela ukusuka nokuhlala ukuthi ingozi yenzeke kanjani. √/
- Wabaxoxela ukuthi ibhasi elalivela edolobheni lafike lama lagamanxa kulayini wesitimela. √/
- Wachaza ukuthi isitimela sakhala sawuqanduqandu sizama ukuxwayisa umshayeli webhasi, ukuthi ayisuse kulayini kodwa lutho ukusuka ibhasi. √/
- Wathi isitimela safike salishaya salinqamula kabili ibhasi.√ (3)

**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu**

**ISIQESHANA C**

2.1 Ehositela√ (1)

2.2 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Babefuna ukukwazi ukufunda nokubhala. √/
- Babefuna ukungahlupheki njengobaba babo.√/
- Abanye babefuna ukuqhubeka nemfundo baze bathole amajazi aseNyuvesi. √/
- Ukufunda kwakuzokwenza ukuthi kube lula ukuxhumana nabelungu abaphethe. √/
- Abanye babefuna ukuzibeka ethubeni lokukhushulelwa ezikhundleni eziphezulu.√ (1)

2.3 Izinsizwa zazidla√
Zixoxe nezinsizwa zangakubo√ (2)

2.4 Uthe kukhokhwa nini? √
Kukhokhwa kanjani? √ (2)

2.5 Kwayijabulisa le nsizwa lokhu ekuzwayo ngoba yayesaba ukuthi akuzuvela muntu bese ingabe isakwazi ukufeza iphupho layo lokuba ngelinye Ilanga … √√ (2)

2.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UNdabazabantu wabuza ukuthi bangobani bonke laba bantu ababegcwele ehhovisi lakhe. Bazisho bonke ukuthi bangobani. √/
- UNdabazabantu wafunda uhlu lwabantu ababhalwe nguNtombela. Akuvelanga igama lenkosikazi yasedolobheni, yonke imali yanikwa unkosikazi wasemakhaya. √/
- Unkosikazi wasedolobheni wakhala ngokuthi nguye owangcwaba indoda, uNdabazabantu wathi yinto okumele bayixoxe bewumndeni leyo. √/
- Kwathi kuphunywa nje efemini, umama lo wasedolobheni, wacela kunkosikazi omdala ukuba abuyise imali angcwaba ngayo uNtombela. √/
- Ekugcineni unkosikazi wasemakhaya wathi uzoyibuyisa imali uma unkosikazi wasedolobheni engaletha isidumbu sendoda yakhe ayoyingcwaba ekhaya le eXobho. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.7. Wayesebenza emajalidini abeLungu. √√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.8 2.8.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Le ndaba yenzeka ezindaweni eziningi ezahlukahlukene, ezinye izigameko zenzeka eMsinga kanye naseMdlovana okuyizindawo zasemakhaya. √/
- Zikhona futhi nezigameko ezenzeka ehositela lapho kwakuhlala khona uManyoba ngesikhathi esebenza eGoli. √/
- UManyoba noMaNdlovu bagcina sebehlala emadolobheni amakhulu ngokwehlukana ngesikhathi bethathwe amadodana abo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.8.2 **Isimo senhlalo**.
**Abayothi sihle:**
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Abantu babesizana ngoba uManyoba wasizwa yizinsizwa zangakubo ngesikhathi esuka eMsinga eyofuna umsebenzi eGoli. √/
- Omakhelwane bathembekile ngoba umuzi kaManyoba wawugadwe ngomakhelwane bakhe ngesikhathi yena nonkosikazi wakhe bethathwe amadodana abo. √/
- Ngesikhathi uManyoba eseGoli kwakukhona amathuba okuthi umuntu azithuthukise ngokwemfundo yize esekhulile. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

**Abayothi sibi:**

- Abantu ababesebenza behlala emapulazini babehlukunyezwa ngabanikazi bamapulazi njengoba babengavunyelwa ukufuya nokufunda futhi behola nemali encane. √/
- Kwakunezimpi zemibango ezazenza ukuthi abantu balahlekelwe izimpilo zabo njengoba kwakulwa aBathembu naMachunu. √/
- Kwakunobugebengu obuningi ezindaweni zasemadolobheni amakhulu afana naseGoli njengoba uManyoba wake wahlaselwa yizigebengu. √/
- Izingane zazingenayo impatho kubazali bazo, sithola izingane zikaManyoba zibahlukumeza benomkakhe ngesikhathi sebekhulile bengasakwazi ukuzondla. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.9
- UManyoba wayethembekile ngoba akazange abe nomakhwapheni ngesikhathi ehlala eGoli.√
- UNtombela wayengathembekile ngoba wafike washada nomunye unkosikazi eGoli ngaphandle kokwazisa unkosikazi wakhe wasemakhaya eXobho, kanti nenkosikazi yakhe yasedolobheni yayingenalo ulwazi lokuthi ushadile.√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


2.10 Ukubekezela.√/ ukungalilahli ithemba.√
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UManyoba wasebenza kanzima ukuze afeze wonke amaphupho akhe. √/
- Ngenxa yokubekezela wakwazi ukulobola, ukushada, ukwakha umuzi kanye nokufundisa amadodana akhe. √/
- Kwathi noma esebhekene nobunzima ngesikhathi ehlala kwandodana yakhe, wangalilahla ithemba wagcina ekwazile ukushintsha isimo ayebhekene naso. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

2.11 Ubaba wakwakhe. √/ uManyoba. √ (1)

2.12 Wamncisha ukudla.√ (1)

2.13 … akabuzanga elangeni √ (1)

2.14 UMfundisi uZakwe√
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wabeluleka ngokuthi bangaduki nezwe, yena wayebona ukuthi mabaye kwaSizabantu kwaMaphumulo ngoba khona akucwaswa muntu, kuthathwa noma yimuphi umuntu ohluphekile. √/
- Wabathatha wayobalalisa emzini wakhe, wabanika nokudla komphefumulo. √/
- Ngakusasa uManyoba nonkosikazi wakhe bazizwa sebeqine idolo ngenxa yomkhuleko kanye nezeluleko zikaMfundisi Zakwe, lokhu kwabenza ukuba babe nesibindi sokubuyela emzini wabo bayobhekana nezinkinga zabo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

2.15 **Abathi isenzo esibi bayothi ...**
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Sikhombisa ukuthi uFanyana wayeyisiyoyoyo sendoda elawulwa ngumfazi. √√/
- Wayekhombisa ukuthi akanabo ubuntu, akekho umuntu okufanele aphathwe kabi ngale ndlela bona ababephethe ngayo uMaNdlovu. √√

**Abathi isenzo esihle bayothi ...**
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Sikhombisa ukuthi uFanyana wayemthanda kakhulu unkosikazi kunomama wakhe. √√/
- Wayezama ukusekela unkosikazi ukuze bangasali bexabana uma umama wakhe esehambile. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

Akuvumelekile ukukopisha lo mhlahlandlela wokumaka

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.16 **Kungumqondo ongemuhle.**
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Umshado usuke uhlanganiswe nguNkulunkulu ngakho-ke akubusisekile ukuthi abantu abashadile bahlukaniswe umuntu. √/
- Kuyabahlukumeza abantu abadala ukuqala impilo entsha abangayijwayele. √/
- Uma abantu sebebadala basuke sebefana nezingane benezinto abajwayele ukuzenza ndawonye, ngakho-ke ukubahlukanisa kungabafakela ingcindezi. √

**Kungumqondo omuhle.**
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kungenzeka ukuthi babebuka iphuzu lokuthi uma bebabili abazali bangaba yizindleko kulabo abazobathatha. √/
- Kungenzeka ukuthi indlu yincane, yayingeke ikwazi ukubathatha bobabili. √/
- Kungenzeka ukuthi babezosuke bafune ukushaya umthetho emzini wendodana. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.17 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Abafundi bangafunda ngokubaluleka kokubekezela kanye nokusebenza kanzima njengoba uManyoba waya eGoli ukuyosebenza wafike wafunda. √/
- Impumelelo kaManyoba ingabafundisa ukuthi noma yimuphi umuntu angaphumelela inqobo nje uma ezosebenza kanzima angalilahli ithemba. √/
- Bangafunda ukuthi kubalulekile ukuthi umuntu noma angaphumelela kanjani angakhohlwa imuva lakhe kanye nalabo abamsizile. √/
- Le noveli yenza ukuthi abafundi babone ukuthi imfundo ayikhulelwa. √/
- Kubalulekile ukuthi indoda yethembeke kumkayo, kungenzeki inkinga eyenzeka sekushone uNtombela. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.18 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UMaNene wayevumela indodakazi yakhe ukuthi ihambe ebusuku. √/
- UThembalihle wayebuye ahambe ekhaya aze abuye entathakusa engaziwa ukuthi uhleli kuphi nobani. √/
- Kwathi lapho uFanyana ethethisa umkakhe ngokuvumela ingane yabo ukuthi ihambe ebusuku, uMaNene waphendula ngokuthi ingane yentombazane ngeke ihlale ingahambi nontanga, uma ihlala ekhaya ngeke imthole umaqondana. √/
- UThembalihle waze wavinjezelwa yisoka lakhe ngesikhathi selimhambisa ekhaya ebusuku. √/
- UThembalihle wagcina ebonile ukuthi umama wakhe akanayo imfundiso. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

**ISIQESHANA E**

3.1 Insizwa uma ike yaqonywa umfelokazi, ayibe isaphunyula.√ (1)

3.2 Yingoba base bevele bethandana √/ uBhekani wayemthanda kakhulu uTholakele.√ (1)

3.3 UTholakele ushonelwe yindoda kanti uBhekani ufuna umakoti. √√ (2)

3.4
- Kanti Sifiso uhlala kuphi wena? √/
- Yonke into engiyenzayo uyayazi? √/ (2)

3.5 Sengedlula kulezo zinto Sifiso.√√ (2)

3.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UTholakele wafika kubokaBhekani ehamba ngemoto eyayishayelwa nguPamella. √/
- Wangqongqoza emnyango wendlu kaBhekani, uBhekani waphuma endlini wavala ngokushesha ngoba wayengafuni ukuthi uTholakele abone ukuthi kwakukhona uLindiwe endlini. √/
- UTholakele wayefuna ukuthi bangene endlini ukuze baxoxe kahle benoBhekani. √/
- UTholakele noBhekani bagcina sebephululana badudulana kwaze kwavuleka isicabha. √/
- Ngesikhathi kuvuleka isicabha uTholakele noLindiwe babonana, uTholakele wangena ngaphakathi endlini. √/
- UTholakele watshela uLindiwe ukuthi uzolanda uBhekani, uzomthatha aze abuye ngakusasa. √/
- UBhekani wahamba noTholakele washiya uLindiwe yedwa endlini. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.7
- Wafika kaningi kuBhekani ngephupho exosha/evimba owesifazane wezingubo ezimnyama ukuba angangeni esangweni lomuzi wakhe. √√/
- Wayefika ngephupho ebambe uLindiwe ngesandla. √√/
- Waphupha exosha intokazi egqoke izingubo ezimnyama ngomkhonto. √√/
- Waphupha engenisa abantu esangweni kanti sekungena intokazi egqoke izingubo ezimnyama wavala isango. √√/ (2)

3.8 3.8.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Indawo yasedolobheni ngoba kutholakala nemijondolo yaseNyawushane. √/
- Izithuthi zomphakathi zitholakala kalula. √/
- Izidakamizwa ziningi futhi baningi nabantu abazisebenzisayo. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.8.2 **Isimo senhlalo**.

**Abayothi sihle**

- Abanye abantu baseNyawushane babebubona ububi bokusebenzisa izidakamizwa bese bemtshela umama kaBhekani ngentombazane eyayizoba ngumakoti wakwakhe eyayizidla. √/
- Omakhelwane babesiza uma bebona ukuthi umakhelwane wabo usenkingeni njengoba balamula ngesikhathi uBhatomu elwa noBhekani. √/
- Abanye abantu kule ndawo babelazisa isiko kanye nosikompilo lwabantu abamnyama njengoba umalume kaBhekani wakubona kungumqondo ongaphusile ukuthi uBhekani aganwe ngumfelokazi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

**Abayothi sibi:**

- Kwakunobugebengu kule ndawo lokhu kwakwenza ukuthi abantu bangakhululeki uma behamba ebusuku. √/
- Kunabantu ababeziphilisa ngokudayisa izidakamizwa okwakungenzeka ukuthi lezi zidakamizwa babezidayisela nezingane ezisencane. √/
- Abantu babezithanda izindaba zabantu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.9

- UZenze wayeziphilisa ngobugebengu bokudayisa izidakamizwa, ukusebenza ngemali yomgunyathi kanye nokuqola abantu. √
- USifiso wayeziphilisa ngokusebenza umsebenzi ohloniphekile wobuthisha.√ (2)

3.10 Izimpendulo ziyokwehluka:

**Abanye bayothi ubugebengu** √ **ngoba**

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UPamella, uZenze kanye noTholakele babehlangene ngobugebengu bokudayisa izidakamizwa, ukuba nemali yomgunyathi kanye nokuqola uBhekani. √/
- UTholakele wayenza sengathi uyamthanda uBhekani kanti uhlose ukumqola imali yakhe. √

**Abanye bayothi uthando/inkanuko**√ **ngoba**

- UBhekani waxwayiswa abantu abaningi ngoTholakele futhi naye wazibonela ubuthakathaka bakhe. √/
- Waqhubeka nokumlobola ezeseka ngokuthi umthanda kakhulu uTholakele. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

**KANYE**

Akuvumelekile ukukopisha lo mhlahlandlela wokumaka

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQESHANA F

3.11 UZenze.√ (1)

3.12 Wayehamba ngemoto ebomvu.√ (1)

3.13 Usephunyukile emlonyeni wengwenya.√/Ukuhleka yedwa.√ (1)

3.14 Umama wakhe√
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wamxwayisa ngokuthi uTholakele udla izidakamizwa, uphuza utshwala.√/
- UTholakele ubuye azidayise izidakamizwa. √/
- Wabuye wamtshela ukuthi umphethe ngomanda ngaphakathi. √

Umalume wakhe√
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wamxwayisa ngokuthi akakwazi ukushada umuntu angamazi ukuthi owakuphi, uzalwa abazali abanjani. √/
- Wayefuna ukwazi ukuthi ufunde kangakanani njengoba yena uBhekani enguthisha ngoba kwakungafanele athathe umuntu ongafundile. √/
- Akakwazi ukuthi angathandana nomuntu ongumfelokazi osazilile. √

USifiso √
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wamxwayisa ngokuthi uzoba nesinyama uma ethandana nomfelokazi osazilile. √/
- Wathi ngeke aphinde aganwe ngoba insizwa ayibe isaphunyula uma ike yathandana nomfelokazi. √/
- Wamxwayisa ngokuthi abafowabo bendoda kaTholakele eseyashona babemfuna phansi phezulu uTholakele ngakho-ke ukuzisondeza kuye kwakuyomfaka enkingeni. √/
- Waphinde wamxwayisa ngendaba kaBhatomu owayefuna ukungena uTholakele ngenkani. √/
- Wathi amhlolisise kahle ngaphambi kokuthi amshelele umshado. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.15 **Abathi isenzo esingamukelekile bayothi ...**
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Leli siko lokungenwa lisebenza uma kunokuvumelana nhlangothi zombili kodwa kuze kube manje basaphoqwa abesifazane ukuba balamukele. √√/
- Alisoze lasebenza uma umuntu wesifazane ephoqwa ngento angayithandi bese egcina elizonda. √√/
- Kubi kakhulu uma lokhu sekuzokwenzeka esikhathini samanje lapho bonke abantu sebenamalungelo alinganayo. √√

**Abathi isenzo esamukelekile bayothi ...**
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kwakuyisiko elihle lakudala elalaziwa ngabantu bonke. √√/
- Lalisiza ukuthi izingane zomufi zingabi izintandane. √√/
- Lalenza unkosikazi abe nesithunzi ngenxa yokuba khona kukababa ozobheka izindaba zasekhaya. √√/
- Owesifazane wayengalambi, naye wayethola ukondliwa. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

3.16 **Kungumqondo ongemuhle.**
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Yonke ingane inelungelo lokuhlala nabazali bayo bobabili. √/
- Kuyisibopho sabazali ukunakekela ingane bendawonye ngoba isuke ingazicelelanga ukuza emhlabeni. √/
- Umuntu ongumzali kusuke kulindeleke ukuba enze noma yini ukuvikela kanye nokunakekela ingane yakhe, lo msebenzi wenzeka kahle uma umzali ezohlale eseduzane nengane yakhe ngaso sonke isikhathi. √

**Kungumqondo omuhle.**
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kungenzeka ukuthi lo anengane naye babengenazo izinhloso zokushada. √/
- Kungenzeka ukuthi kukhona omunye umuntu amthanda kakhulu afisa ukushada naye. √/
- Kungenzeka ukuthi abasathandani. √/
- Kungenzeka ukuthi wayebona ukuthi umama wengane akanayo impatho. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

3.17 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Abafundi bangafunda ngokubaluleka kokuthi umuntu umazi kahle ngaphambi kokuba umlobole. √/
- Ngokufunda le noveli abafundi bazokwazi ukuhlukanisa phakathi kothando kanye nenkanuko. √/
- Emva kokufunda le noveli bazobona ukuthi kubalulekile ukulalela imibono yabazali kanye nabangani uma uzothatha isinqumo esibalulekile empilweni. √/
- Abafundi bazobona ukuthi ubugebengu abubuyiseli. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

Akuvumelekile ukukopisha lo mhlahlandlela wokumaka

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.18

- Ingane yomfana ivamise ukufundiswa nguyise izinto eziphathelene namasiko kanye nosikompilo. UBhekani wayengazi lutho ngendaba yesiko ngenxa yokuthi wayekhuliswa ngumama wakhe yedwa.
  Ezinye izinkinga zasekhaya zidinga umuntu omdala wesilisa.
  Izinkinga ezifana nokuhlelela ukuyolobola, ukushisa impepho kushwelezwe kwabaphansi kanye nokwenza imicimbi yesintu. √/
- Umama kaBhekani waze wacela usizo lukamalume kaBhekani ngoba ebona ukuthi kuyamsinda ukukhuluma izinkinga ababebhekene nazo ekhaya eyedwa. √/
- Umama kaBhekani noma wayenaso isibindi sokukhuluma nendodana yakhe kodwa yayikhombisa ukungamlaleli ngoba ezinye izingane zabafana zikuthola kunzima ukulalela abesifazane uma sezikhulile. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU B: UMDLALO

### UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

### ISIQESHANA G

4.1 Ikhansela lasendaweni.√ (1)

4.2 Kukhona abantu abasebemkhulekela uDuma sebebona inkosi njengento engathi shu.√√ (2)

4.3 Abanye bazonda uDuma egameni lokuthi usethathe isikhundla sami engasinikwa uMvelinqangi kanye nobabamkhulu.√√ (2)

4.4 Ngesikhathi uMaNgema embonisa ngendaba yokuthi enze uxolo noDuma wenza lokho okwakushiwo uMaNgema. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UShandu kanye nobaba wakhe banquma ukuba abe yinkosikazi yenkosi egcwele. √/
- Babengafuni ukuthi uMaNgema aphathwe nguthishanhloko ongumfokazana. √/
- Babengafuni ukuthi uMaNgema adelelwe yizingane ezizalwa ngabafokazana. √ (2)

4.6 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayelwisa uDuma noMbandlwa uma bezama izinhlelo zokuhlanganisa abantu. √√/
- UDlamini wayegqugquzela ukungezwani phakathi kwenkosi noDuma. √√/
- Washaya uMbandlwa emhlanganweni owawusesikoleni kukhona abantu. √√/
- Wayengafuni ukuthi kube nesixazululo endabeni yokuhlukana phakathi kwesizwe senkosi. √√/
- Wayehlohla inkosi ukuba ingayenzi imizamo yokubuyisana noDuma. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.7 Unogada wafika emzini kaDuma ezomtshela ukuthi inkosi icela ukudlana indlebe noDuma. UDuma wala waphetha ukubonana nenkosi uShandu, kwaba nokuphikisana okukhulu phakathi kukaMbandlwa, uDuma kanye noMaShezi. UMaShezi waze wayalela uMbandlwa ukuba aphume aphele emzini wakhe. Lokhu kwamthukuthelisa uDuma. Emva kokuhamba kukanogada uMaShezi wathatha isinqumo sokuphindela kubo. √√ (2)

4.8 B √/Ukudinwa. √ (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


4.9 4.9.1 D √/Umfundisi wendawo √

4.9.2 C √/Unobhala wekhansela √

4.9.3 B √/Unkosikazi kaDuma √

4.9.4 A √/Wakhoselisa uDuma. √ (4)

4.10 Uvuthondaba lulapho kunomhlangano wokuthelelana amanzi. Umfundisi uMazongolo wayephethe lowo mhlangano. Inkosi isesibhedlela. Osopolitiki nabo babevumelana ngokuthi kube khona uxolo. Inkosi yathumela umyalezo eyayiwubhale phansi.√√ (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

4.11 Ucacisela usayitsheni ukuthi isimo sibi endaweni yenkosi abantu bafa ngapha nangapha, ukukhuluma kakhulu ngeke kusasiza ngalutho. Into okwase kumele yenzeke ukuthi amaphoyisa aye kule ndawo ayogcina uxolo.√√ (2)

4.12 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Kwakumele babeke izimpilo zabantu phambili basebenzisane ekuhlanganiseni umphakathi. √√/
- Kwakumele baqale bachazele inkosi ngakho konke abazokwenza/ okuzokwenzeka endaweni yayo. √√/
- Kwakumele bachazele abantu bendawo ukuthi behlise imimoya basebenzisane ngokuthula. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.13 UDuma. √
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Esingenisweni sendaba sethulelwa yena uDuma. √/
- Nguyena obhekene nenkinga kulo mdlalo. √/
- Indaba ingaye futhi ibingeke iqhubeke ngaphandle kwakhe. √/
- Izigameko eziningi kanye nodweshu oluningi luthinta yena. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.14 Izenzo zikaMaShezi ziyaguquguquka kulo mdlalo, ngasekuqaleni komdlalo ugqugquzela umyeni wakhe ukuthi angayihloniphi inkosi. Ngokuhamba kwesikhathi ushintsha umqondo usebenzisana noMaNgema ekuletheni uxolo esizweni senkosi. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.15 Yebo kuyakholeka futhi kungenzeka empilweni yangempela, kuvamisile ukuthi osopolitiki bacele usizo oluphuthumayo lwamaphoyisa uma impilo yabo isengcupheni. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

Akuvumelekile ukukopisha lo mhlahlandlela wokumaka

Downloaded from Stanmorephysics.com


4.16 Kule khava yale ncwadi kunesithombe sabantu abaxhawulanayo. Ukuxhawulana kubantu kuwuphawu loxolo, njengoba kulo mdlalo indaba iqalisa ngodweshu kunengxabano phakathi kwenkosi uShandu kanye nekhansela uDuma. Lolu thuthuva luqhubeka njalo kuze kuphume imiphefumulo yabantu abaningi. Ekugcineni kuyaboniswana; kuba khona uxolo. Yingakho-ke ikhava yale ncwadi ihambisana nokwenzeka kulo mdlalo.√√ (2)

4.17 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Umbhali uyilandelile imigomo yokubhala isingeniso encwadini engumdlalo.

- Isingeniso kulo mdlalo sisethulela ummeleli / uDuma. √/
- Isingeniso sisethulela isizinda somdlalo. √/
- Sethula inkinga umlingiswa omkhulu abhekene nayo. √/
- Siveza isisusa sodweshu.√/
- Sinenkulumo eyisandulela eyethula amagama abalingiswa. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi) (3)

**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

**ISIQESHANA I**

5.1 Umama kaSonto√/ugogo kaZinhle.√ (1)

5.2 Wathola ukuthi sekunesikhathi uSonto agcina ukuvakashela umama wakhe kanye nokuthi uMaMkhize kade agcina ukugula.√√ (2)

5.3 Kodwa ngiyafunga, ngeke kugcine yena! √√ (2)

5.4 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

Bamnikeza isikhundla sokuba sekomidini lezimali ebandleni.√√/
Imali yebandla yabalelwa kwakhe. √√ (2)

5.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayesekhathele ukuhlukunyezwa nguMthofi ngenxa yale mali ayemkweleta yona. √/
- Indaba yale mali yayisibeka impilo yengane yakhe engozini.√/
- Wayefuna ukukhokhela uMthofi imali yakhe. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi) (2)

5.6 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UMthofi uyathengwa ukuthi abulale abantu lokhu kwakwenza ukuthi umphakathi uzizwe ungaphephile. √√/
- Ukuhamba ehlome ngesibhamu kwenza umphakathi ungaphephi. √√/
- UMthofi wabulala abantu abaningi endaweni lokhu kwenza ukuthi isimo senhlalo endaweni singabi sihle. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi) (2)

5.7 UMaNsibande samdina kakhulu isenzo sikaSonto sokuletha abantu bomthetho emzini wakhe ukuba bazombuza imibuzo wathetha wathi abaphume emzini wakhe./Wabaxosha.√√ (2)

5.8 B.√/Ukutatazela. √ (1)

5.9 5.9.1 B√/Isigebengu esingumngane kaMthofi. √

5.9.2 C√/Unkosikazi wokuqala kaMbhele. √

5.9.3 D√/Umfundisi owadutshulwa uSonto. √

5.9.4 A √/Usebenza ebhange.√ (4)

5.10 Yilapho kuvela khona amaqiniso, uMthofi noToronto baficwa uNhleko emzini kaMbhele bezofuna uSonto oseshaye wachitha ngoba imali yamafa abethembe ukuthi uzoyithola abakhokhele ngayo kodwa wagcina engayitholanga. UMthofi ulikhipha lonke iqiniso ngokuthunywa nguSonto ukuthi abulale uMaNtuli noMbhele.√ √ (2)

**KANYE**

Akuvumelekile ukukopisha lo mhlahlandlela wokumaka

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQESHANA J**

5.11 OMthofi balikhuluma lonke iqiniso ngakho-ke sabe singasekho isidingo sokuthi abaseshi basebenze kanzima bezama ukuthola ubufakazi./UNhleko wayesezobabopha ngoba sebekhulume lonke iqiniso.√√ (2)

5.12 Kwakumele ayobikela amaphoyisa ngoba uMthofi wayethole ushwele wehliselwa isigwebo ngenxa yokuziphatha kahle ejele. Ushwele uvamise ukuhambisana nemibandela ethize ngakho-ke ukungena emzini womuntu elengise isibhamu kwakungenzeka kube yisizathu sokuthi amaphoyisa amphindisele endlini emnyama. √√
(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi) (2)

5.13 USonto. √
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Esingenisweni sendaba sethulelwa yena uSonto. √/
- Nguyena obhekene nenkinga kulo mdlalo. √/
- Indaba ingaye futhi ibingeke iqhubeke ngaphandle kwakhe. √/
- Izigameko eziningi kanye nodweshu oluningi luthinta yena. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.14 Izenzo zikaDlamini ziyaguquguquka kulo mdlalo, ngasekuqaleni komdlalo simthola engumuntu othanda imali, ehlebela uMbhele ngezinto ezenzeka kwakhe uma engekho. Lokhu ukwenza ngenhloso yokuthi azitholele imali yokuphuza. UDlamini ugcina ewusizo emaphoyiseni lapho esengufakazi wenkantolo ecaleni likaSonto. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Kungenzeka empilweni yangempela ngoba amaphoyisa ayazigada iziguli esibhedlela. Kungaba ubulima obukhulu ukuthi amaphoyisa avumele umsolwa ukuba azobona isiguli esibhedlela ngoba lokho kungenza ukuthi sibe nokwesaba sigcine sinqikaza ukwethula ubufakazi enkantolo. √√/
- Amaphoyisa awabavumeli abazobona iziguli eziqashwe ngamaphoyisa uma sekukhishwe loyo mthetho. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.16 Inesithombe sesandla esibambe imali. Lokhu kuyahambisana nokwenzeka kulo mdlalo ngoba into esusa udweshu kule ndaba imali. Kunabantu abenza noma yini kulo mdlalo ukuze bathole imali. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.17 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Umbhali uyilandelile imigomo yokubhala isingeniso encwadini engumdlalo.
- Isingeniso kulo mdlalo sisethulela ummeleli / uSonto. √/
- Isingeniso sisethulela isizinda somdlalo. √/
- Sethula inkinga umlingiswa omkhulu abhekene nayo. √/
- Siveza isisusa sodweshu.√/
- Sinenkulumo eyisandulela eyethula amagama abalingiswa.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi) (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

**ISIQESHANA K**

6.1 UMkhwenyana kaThenjiwe osewadlula emhlabeni. √/Umfowabo kaDumisani. √/Indodana kaZungu noMaMbatha. √ (1)

6.2 Wayefuna ukuthi uDumisani axoxisane noThenjiwe ngendaba yokuthi amngene. √√/Wayefuna ukuthi uDumisani angene uThenjiwe.√√ (2)

6.3 Kusobala ukuthi ibimkitaza le nto obuyisho ngize ngambona ehleka kakhulu.√√ (2)

6.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wayesekela uThenjiwe ngesikhathi enenkinga nabakwaZungu kubangwa indaba yaleli siko. √/
- Waphelezela uThenjiwe bayoxoxisana nabakwaZungu egcizelela indaba yokuthi uThenjiwe unamalungelo okumele ahlonishwe. √/
- UNondumiso waze waxabana noMaMbatha ngoba emsola ukuthi ungena izindaba zakwaZungu ezingahlangene naye. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi) (2)

6.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Emva kokushona kukaSikhumbuzo wayengasenalo uthando lokuthanda omunye umuntu. √/
- UDumisani wayemncane kunaye ngeminyaka. √/
- Wayefuna ukubuyela kubo aqale impilo kabusha. √/
- Wayefuna ukusebenzisa ilungelo lakhe lokuzikhethela okumele akwenze emva kokushona komyeni wakhe. √/
- Wayebona sengathi bayamcindezela ngesiko lokungena. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi) (2)

6.6 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UMaMbatha nguye owakhulisa umqondo kaThabi wokuthi uThenjiwe angenwe nguDumisani lokhu kwamphatha kabi impela uThenjiwe. √√/
- Wanqabela uThenjiwe ukuba avakashele kubo emva kokushonelwa umyeni wakhe. √√/
- Ngesikhathi uDumisani elinyazwe nguSipho uMaMbatha waqamba amanga wathi ulinyazwe amasoka kaThenjiwe. √√/
- Emva kokuba uThenjiwe ebanjiwe ezama ukubulala uDumisani ngoshevu, uMaMbatha waqhamuka neqhinga lokuthi uThenjiwe akavume ukungenwa nguDumisani uma engafuni ukuboshwa iminyakanyaka ejele. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi) (2)

6.7 UThenjiwe wayehamba noSipho ngasezitolo, kwaqhamuka uDumisani wafuna ukukhuluma noThenjiwe ngenkani. Wenqaba uThenjiwe ukuxoxa noDumisani kwagcina sekukhona ukunqakisana ngamazwi phakathi kukaDumisani, uThenjiwe noSipho. Kwagcina sekuliwa. USipho wakhipha ummese wagwaza uDumisani.√√ (2)

Akuvumelekile ukukopisha lo mhlahlandlela wokumaka

Downloaded from Stanmorephysics.com

6.8 C √/Ukujabula.√ (1)

6.9 6.9.1 B √/Owesifazane ongumngane kaThenjiwe. √

6.9.2 A√/Washonela ejele. √

6.9.3 D√/Umakhelwane kaMaMbatha. √

6.9.4 C √/Indodakazi yakwaZungu. √ (4)

6.10 Ngesikhathi uThenjiwe ebanjwa ezama ukubulala uDumisani ngokumfakela ushevu etiyeni. √√ (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA L**

6.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Leli siko lokungenwa lidala futhi liyaziwa, abantu abaningi bayalenza noma basalilandela. √√/
- Imizi eminingi esike yavelelwa umshophi ofana nokaThenjiwe iyalilandela leli siko. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

6.12 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kwakumele acele usizo ezinhlanganweni ezilwela amalungelo abantu/ abesifazane. √√/
- Akhulumisane nabameli abalwela amalungelo esintu ukuthi baluyise enkantolo udaba lwakhe. √√/
- Athole umsebenzi bese ezifunela indawo yokuhlala. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

6.13 UThenjiwe. √
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Esingenisweni sendaba sethulelwa yena uThenjiwe. √/
- Nguyena obhekene nenkinga kulo mdlalo. √/
- Indaba ingaye futhi ibingeke iqhubeke ngaphandle kwakhe. √/
- Izigameko eziningi kanye nodweshu oluningi luthinta yena. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

6.14 Izenzo zikaZungu ziyaguquguquka. Ngasekuqaleni kwendaba uZungu uvumelana noMaMbatha mayelana nokuphoqelela uThenjiwe ngaleli siko lokungena. Ngesikhathi indaba iqhubeka ukhombisa ukuzwelana noThenjiwe. Uyabona futhi ukuthi leli siko lokungena kungenzeka ukuthi seliphelelwe isikhathi. Ekugcineni uyaguquka futhi, avumelane noMaMbatha baphoqelele uThenjiwe ukuba avume ukungenwa nguDumisani. Kungenjalo, uzobhekana necala lokuzama ukubulala uDumisani. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


6.15 Yebo yinto ekholekayo futhi engenzeka empilweni yangempela ngoba, esikhathini samanje sekukhulunywa indaba yamalungelo kanye nokulingana ngakho-ke kulula nje ukuthi umuntu wesifazane aphindele kubo uma sekushone umyeni wakhe futhi akuyona into ebukeka njengehlazo esikhathini samanje. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

6.16 Inesithombe sabantu abagqoke imvunulo yesintu abasadla ngoludala, bese kuba nowesifazane owenze izinwele ngendlela yesimanjemanje futhi wagqoka ngendlela yesimanjemanje okukhombisa ukuthi umuntu wesifazane osephila ezweni elikhululekile, ongalawulwa isiko kanye nemikhuba esiphelelwe yisikhathi. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

6.17 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Umbhali uyilandelile imigomo yokubhala isingeniso encwadini engumdlalo.

- Isingeniso kulo mdlalo sisethulela ummeleli / uThenjiwe. √/
- Isingeniso sisethulela isizinda somdlalo. √/
- Sethula inkinga umlingiswa omkhulu abhekene nayo. √/
- Siveza isisusa sodweshu.√/
- Sinenkulumo eyisandulela eyethula amagama abalingiswa.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi) (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

### UMBUZO 7

7.1 **'UNOZIMOTO' – Sicelo Zimema**

**ISIQESHANA M**

7.1.1 Ibhasi laligcwele kakhulu, livale ngomuntu emnyango. √ (1)

7.1.2 Ithuphisi √/Ingubo√ (1)

7.1.3 Wayethi ibhasi lizomngcolisa ngoba uma lihamba libutha uthuli lugcwale ngaphakathi abantu bangabe besabonana nokubonana. √ (1)

7.1.4 'Mina angisaboni nje ukuthi ngisengabekezelela indoda. Ndawo!' √√/
'Ukuhlangana kwabantu sebemazinyo qinile bobabili nje yinto engasebenzi leyo,' √√ (2)

7.1.5 Umuntu ozithandayo ohlale ehlanzekile.√√ (2)

7.1.6 Yebo lo mgomo ufezekile ngoba umbhali akathemelezanga esingenisweni, usheshile ukungena emzimbeni wendaba wasethulela izigameko ezibalulekile.√√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

7.1.7 Le ndaba iqoqekile ngokwesikhathi ngoba izigameko zayo zenzeka ngezinsuku ezimbili okungesona isikhathi eside. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

7.1.8 Yayimdaka inamawindi amnyama. √√ (2)

7.1.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Esikhathini samanje sekukhona ubugebengu bokuntshontshwa kwabantu ngakho-ke ukugibela izimoto angazazi kungambeka engozini enkulu. √/
- Izinga lokudlwengulwa kwabesifazane kuleli zwe liphezulu kakhulu ngakho-ke kubalulekile ukuthi wonke umuntu wesifazane azigcine ephephile kubenzi bobubi. √/
- Kwakungenzeka ashaywe yizigebengu zimlimaze. √/
- Izigebengu zazingamphuca imali yakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com


7.1.10 Izimpendulo ziyokwehluka
**Abathi kwakuyisenzo esihle bayothi**:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wayengahloniphanga uKaMaseko imiyalelo yomyeni wakhe.√√/
- Babezama ukugcina ubudlelwane babo nomkhwenyana bubuhle.√√/
- Kwakufanele uKaMaseko abone ukuthi wenze iphutha.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

**Abathi kwakuyisenzo esingesihle bayothi**:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UKaMaseko wayengazibizelanga umshophi wokuthi anukubezwe. √√/
- UKaMaseko waphuma kwakhe enziwa isizungu, engasebenzi wayengahlosile okubi. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

**KANYE**

7.2 **'LAPHO KUKHONA UTHANDO' – NE Mbesa**

**ISIQESHANA N**

7.2.1 Uthando lwesoka lakhe abazobe bebonana okokuqala ngqa nalo.√ (1)

7.2.2 OKUBILI kwalokhu:

AmaZulu√/AmaShona √/namaNdebele √ (2)

7.2.3 OKUKODWA kwalokhu:
'Sesiyobonana khona-ke ehhotela Sithandwa sami. √√/Sengilungise yonke into. √√/Angisakwazi ukulinda.' √√ (2)

7.2.4 Wayefunda incwadi aphinde abuke izithombe zesoka lakhe. √√ (2)

7.2.5 Sichaza ukuthi kwakushisa kakhulu. √ (1)

7.2.6 Insizwa ebukekayo, ezithandayo, elishiyile igabade/ende futhi eqatha ngomzimba. √√ (2)

7.2.7 Ezinkundleni zokuxhumana lukhona uhlelo lokuthi abantu abangenabo omaqondana babo batholane nabanye abantu abasuke besesimweni esifanayo. Uhlelo lwama*pen pals* nalo lwalwakhelwe inhloso yokuxhumanisa omaqondana. √√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


7.2.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kulesi sikhathi samanje sebubuningi ubugebengu, kulula nje ukuthi umuntu asebenzise isithombe somunye umuntu kanti ufuna ukumgebenga. √√/
- Abanye abantu besifazane basebenzisana nezigebengu, kungenzeka umuntu azenze ofuna umaqondana kanti ubheka abesilisa abanemali azobagebenga nozakwabo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.2.9 Indikimba yale ndaba emfushane uthando. √
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo

- UWanda noma wayemthole kuma *pen pals* uSebenzile kodwa uthando lwabo lwaluvutha amalangabi. √√/
- UWanda noSebenzile badlula ezinkingeni eziningi ngenxa yothando.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

Akuvumelekile ukukopisha lo mhlahlandlela wokumaka

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

**UMBUZO 8**

8.1 **'NGINGOWELIBA' – NL Luthuli**

8.1.1 Umzimba ubuyele kwamhlaba emhlabathini√ (1)

8.1.2 Umphefumulo **a**wusen**a**s**a**belo kw**a**mhl**a**b**a**.√√ (2)

8.1.3 **Umzimba** wam' uhlukene nomphefumulo.
**Umzimb'** ubuyele kwamhlab'emhlabathini.√√ (2)

8.1.4 Umusho OWODWA kwelandelayo:
Um' indodana yoMunt' ingakabuyi, √/
Ngiyoba ngoweliba njalo. √ (1)

8.1.5 **Ilirikhi.**√ Imbongi yethula imizwa nemicabango yayo ngokudlula komuntu emhlabeni.√ (2)

8.1.6 **Ba**thi balahlekelwe, √
**Ba**yosho baze bafakazelane√
Imvumelwano siqalo. √
NOMA
Bathi **ba**lahlekelwe, √
Bayosho **ba**ze bafakazelane√
Imvumelwano maphakathi. √ (3)

8.1.7 Isigqi sale nkondlo siyanensa/sihamba kancane √ ngoba:
Impendulo EYODWA kwezilandelayo:
Imbongi ikhathazekile, ikhuluma ngesikhathi esibuhlungu empilweni yomuntu sokwehlukana komzimba nomphefumulo. √/
Imigqa eminingi yenkondlo ineziphumuzi/ivalekile.√ (2)

8.1.8 Isihlonipho/ukuhlonipha√√ (2)

8.1.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Imbongi ikholwa ukuthi umzimba uyohlukana nomphefumulo uye ethuneni. √/
- Imbongi ithi umphefumulo uyobe ungasenandawo emhlabeni. √/
- Umzimba kuphela oyobe usethuneni. √/
- Wonke umuntu ophilayo emhlabeni usahlalelwe ngukufa njengoba nendodana kaSomandla yafa yangcwatshwa.√ (3)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com

8.2 **'NGIYAFISA UKUBA QOTHO' – DA Hlophe**

8.2.1 Ubuqotho. √
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (1)

8.2.2 Imbongi ifisa ukuthi noma sekuthiwa isebenza kanzima kangakanani kodwa ingalahlekelwa ubuqotho bayo emisebenzini eyenzayo.√√ (2)

8.2.3 Ngishumayele√
NakuSomandla√ (2)

8.2.4 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Imbongi ibona ukuba qotho kuyikho okuphethe ubuntu bomuntu. √√/
- Impilo yomuntu noma ngabe ikusiphi isigaba idinga ukuthi abe qotho. √√/
- Ngabe inkohlakalo nobugebengu abukho emhlabeni ukuba abantu baqotho. √√/
- Ziningi izinkinga ezingaxazululeka emiphakathini uma abantu bengaba qotho, njengokuntshontsha, ukulwa, nokunye. √√ (2)

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

8.2.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Imbongi isebenzise isivumelwano 'ngi' emigqeni eminingi yenkondlo√√/
- Imbongi isebenzise amagama akhombisa ubunini 'yami, zami, bami' enkondlweni okukhombisa ukuthi ikhuluma ngayo uqobo nezinto ezithinta yona ngqo.√√ (2)

8.2.6 Umoya wokulangazelela √ ngoba imbongi ifisa ukuba qotho empilweni yayo, ibe qotho kukhona konke ekufisayo.√ (2)

8.2.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Kukhombisa ukuthi imbongi yabe igcizelela ukubaluleka kokuba qotho empilweni yomuntu**.** √√/
- Ithi kubalulekile ukuba qotho nalapho umuntu ehamba khona. √√/
- Kubalulekile ukuba qotho ngisho umuntu esekhuluma noma eshumayela.√√ (2)

8.2.8 **Iphumelele imbongi ngoba**:
- Ukutshala kusho ukwandisa lokhu umuntu anakho. Lokhu kusho ukuthi ubuqotho ngeke buphele uma imbongi ibutshalile. √
- Ukutshala kungaba ukufundisa abantu abancane ngokubaluleka kokuba qotho, ngaleyo ndlela imfundiso yobuqotho iqhubeke.√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


8.2.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kubalulekile ukuhlonipha umuntu omdala nomncane ngoba inhlonipho iyafundiswana, umuntu akazalwa nayo. √/
- Umuntu omdala ngeke akwazi ukufundisa ingane ukuhlonipha kanti yena akahloniphi. √/
- Ingane ifunda ngekubonayo nangekuzwayo. √/
- Ukuhlonipha kubaluleke kubo bonke abantu akukhethi ubudala nobuncane bomuntu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**